# *SITHANDA UKUBONA UJESU*

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

2 Asibe silokhu simile, kulobubusuku, umzuzwana nje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko. Manje, sisakhothamise amakhanda ethu, ingabe sikhona isicelo ongathanda ukusazisa kuNkulunkulu na? Kwazise ngesandla esiphakanyisiwe.

Nkulunkulu, baphe bonke.

3 Baba wethu waseZulwini, siyeza, kulobubusuku, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu, Othandekayo. Siza sikhuleka, sikholwa ukuthi Uzosinika izicelo eziceliwe kulobubusuku, ngoba siyakholwa, Baba, ukuthi kuvele enhliziyweni eqotho, ukuthi banesidingo ngempela, futhi isidingo singesenkazimulo yaKho. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobanika izicelo zabo, ngamunye wabo.

4 Manje, lobu kuwubusuku besibili enkonzweni, siyaKubonga ngobusuku bayizolo, ngalabo abeza ukuzokwamukela uKristu njengoMsindisi wabo, bethemba ukuthi yilowo nalowo owayebuyela ekhaya evela esimweni sokuhlubuka, ukuthi ulwazi lwabo lwesipiliyoni savuselelwa. Bayazi, siyazi, ukuthi uNkulunkulu umi elule isandla elungele ukwamukela owolahleko lapho ebuya. Futhi labo abebefuna umbhaphathizo kaMoya, siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Ugcwalise izinhliziyo zabo ngokulunga kwaKho nesihawu namandla. Siphe khona, Nkosi.

5 Manje, kulobubusuku, njengoba sizokhulekela abagulayo, uma kuyintando yaKho, siyethemba ukuthi ngeke kubekhona-muntu obuthaka phakathi kwethu, kulobubusuku, lapho inkonzo isiphelile. Kwangathi labo abafa ngenkathazo yenhliziyo bangaphulukiswa, labo ababulawa umdlavuza odokotela abalwe kanzima ukuzama ukusindisa impilo yabo, kodwa kubonakala sengathi akunathemba, kodwa Nkulunkulu, kukhona iBalisamu kwaGileyadi, futhi sibonga kakhulu ngokuthi . . . ukwazi lokho, nokwabelana ngezithembiso zikaNkulunkulu omunye nomunye.

6 Sikhulekela ukuthi Uzongena phakathi kwethu, kulobubusuku, ngokukholwa okukhulu kangaka, Nkosi, ukuthi kuzoba nesikhathi esikhulu kangaka. Futhi sikhulekela ukuthi Uzoba ngophathekayo kakhulu—kakhulu kuwo wonke umuntu kulobubusuku, Nkosi, ukuze kuthi nxa sesisuka siye emakhaya ethu sizosho, njengalabo ababevela e-Emawusi ngalolosuku, emva kokufa, ukumbelwa, nokuvuka kweNkosi yethu. Babezibuza endleleni, "Ingabe Uvukile ngempela noma

qha?" Kodwa ngenkathi Ebangenisa, ngesikhathi sokuhlwa, cishe ngalesisikhathi noma kamuvanyana, iminyango ya... [Isiprofetho siyanikezwa—Umhl.]

7 Ukuthula kwaKho nomusa waKho, O Nkulunkulu, yiba nathi, futhi usisize, futhi ukhulule wonke umuntu, Nkosi, ohluphekileyo. Makuthi uMoya oNgcwele enze umsebenzi omkhulu Awuthunywe ukuba awenze phakathi kwethu, futhi sizokhothamisa amakhanda ethu ngentobeko nobulula futhi sibonge futhi sidumise Wena. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

8 Umfowethu usanda kubeka lapha ezinye izicelo zomkhuleko, futhi siyethemba ukuthi iNkosi uNkulunkulu izosipha lokhu nokunye okuningi kwe...[Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Amaduku, kanye...yebo.

9 Manje, siyakholelwa ekukhulekeleni amaduku ngabagulayo nabahluphekileyo. Manje, lokho sikuthatha eBhayibhelini. Ngesinye isikhathi eNingizimu Afrika, ngikholwa ukuthi enye yezincwadi, phandle lapho bane, banesithombe sakho, nganginamasaka agcwele amaningana amaduku, ayethunyelwe phakathi ngabantu, futhi bathi, "UMfowethu Branham ukholelwa ezeni kakhulu, ngoba ukhulekela i... phezu kwamaduku." Futhi kwakungeyona inkolelo-ze, kungokomBhalo nje. Futhi manje, siyaqonda ukuthi—ukuthi ku...

10 Ngikholwa ukuthi uPawulu wayengoqavile kakhulu, ngokomBhalo, kukho konke akwenza. Manje, sonke sifanele sikukholwe lokho ngoba (ukukholwa iBhayibheli), uNkulunkulu wayengeke ayivumele lendoda ukuba ilobe iBhayibheli, i—izincwadi eBhayibheli eyaziloba. Ngikholwa ukuthi uPawulu weTestamente eLisha wayefana noMose weLidala. Manje, uPawulu wayeyi—isithunywa senkolo-mprofethi kwabeZizwe. Manje, sethemba ukuthi, kulokhu, ukuthi abantu bazoqonda ukuthi uPawulu...

11 Manje lapho engicabanga khona ukuthi wakwemukela khona, lokho...Niyamazi u-Eliya, ngesinye isikhathi, umprofethi omkhulu weNkosi, owesifazane waseShunemi walahlekelwa umntwana wakhe, futhi ngakho wafika ku-Eliya wambuza ngomntwana, futhi wathi, "Thatha loludondolo," kuGehazi, inceku yakhe, "hamba ulubeke phezu komntwana." Futhi ngikholwa ukuthi yilokho...lapho uPawulu athola khona umqondo wokubeka amaduku, ngoba u-Eliya wayazi ukuthi noma yini ayithintayo yayibusisiwe, uma nje wayengenza owesifazane akholwe into efanayo. Kodwa ukukholwa kowesifazane kwakungekho kulokho akuthintayo; kwakukumprofethi.

12 Khona-ke sithola ukuthi ngesikhathi sikaPawulu bathatha amaduku izibhinco, abantu, ukukholwa okukhudlwana,

bakholwa, base bebeka lamaduku nezibhinco phezu kwabantu, nemimoya emibi yaphuma kubo, futhi baphulukiswa.

13 Manje, siyazi ukuthi uPawulu usenesikhathi eside ehambile, kodwa uMoya oNgcwele usekhona. Kuyi. . . Akabheki bala lamuntu, futhi Unika abantu umusa phakathi kwabantu, abefundisi, ukukholwa ukuthi leyondoda, into ethize ngayo efakazela ukuthi uNkulunkulu unalowomelusi, futhi bayakukholwa lokho. Nalo lonke iVangeli eligcwele, abantu abakholwayo bathatha amaduku, izibhinco, nokunye nokunye emizimbeni yabo bese bekubeka phezu kwabagulayo nabahluphekileyo, futhi bayasinda. Futhi sinempumelelo enkulu ngokwedlulele ngalokho kunanoma yini okwamanje e. . .

14 Lapha esikhathini esithile esedlule, owesifazane omncane waseJalimane, ngiwathumela ngiwakhiphe ngezinkulungwane, wemukela elilodwa, futhi wangenisa omakhelwane bakhe. Wayengenaye umelusi, ngakho wangenisa omakhelwane futhi bakhuleka, futhi wawavuma wonke amaphutha akhe. Kukhona into eyodwa ofanele uyenze, ukulungisa izinto noNkulunkulu, ngoba ukuhlupheka kungahle kube phezu kwakho ngaleyonhloso, futhi ngakho, ukuletha wena kuNkulunkulu, ngakho vuma zonke izono zakho. Esekwenzile walala phezu kwakhe.

15 Wayekhubazekile ngenxa yesifo samathambo cishe iminyaka engamashumi amabili, futhi wathi, "Kulungile, khehla elingudeveli, manje imisebenzi isiphelile, ngakho suka, nakhu ngiza." Asukume ngqo asuke esihlalweni esinamasondo, kalula kanjalo nje. Niyabo? Wathi, "Kulungile, konke sekuphelile manje, imisebenzi isiphelile yonke, ngakho sukuma nje bese uyahamba." Yileyondlela esifanele sikukholwe ngayo, ngaleyondlela nje, ngokulula nje esingaba yikho.

16 Thina. . .Abantu namuhla benza iVangeli lixakaniseke kakhulu kubantu. Niyabo? Lokho bekuhlale kuyisizathu sokuthi kudlulele phezu kwekhanda labantu abavamile. Futhi iVangeli lathunyelelwa bonke, kodwa ngokuvamile ngabantu abavamile abalizwayo. ULuka wathi, "Abantukazana bamuzwa ngenjabulo uJesu," abantu abavamile.

17 Futhi ngakho uNkulunkulu ukwenza kube lula kakhulu, Wathi ku-Isaya, "Ngisho nesiwula asifanele senze iphutha endleleni." Ngakho asifuni neze ukukwenza kuxake; kulula, ubulula bokukukholwa, ukuba nokukholwa nje. Ungasuki kukho, hlala nakho ngqo, futhi uNkulunkulu unakekela konke.

18 Manje, izolo ebusuku nginigcine kwaze kwedlula isikhathi. Ngizozama, kulobubusuku, ukukhulekela abagulayo, futhi ngicabanga ukuthi uBilly ungitshelile, esikhashaneni esedlule, ukuthi unikeze iqoqo lamakhadi omkhuleko kubantu. Isizathu senza lokho ngukubagcina besemgqeni, ukuze ubani ongeza

futhi ubani ongeze, futhi ngamunye othola ikhadi angeza, engeza emsamo. Kodwa noma ubani oke waba semhlanganweni uyazi ukuthi kukhona abahlanu abaphulukisiwe ezethamelini ngenkathi oyedwa ephulukiswa emsamo. Kuhlala kukukhulu ngokwedlulele ezethamelini, ukukholwa.

19 Manje, abantu abaningi bafuna nibeke izandla phezu kwabo, lokho kulungile ngokuphelele, lowo ngumBhalo. UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bayakusinda." Manje, lelo yi—lelo yiZwi likaNkulunkulu, ngakho siyakukholwa. Manje, kodwa niqaphelile, lokho kwakuthi ukuba wumkhuba wamaJuda, kwakungenjalo koweZizwe.

20 Manje, ngenkathi indodakazi kaJayiru isilele eduze nokufa, bathumela ukuba kubizwe iNkosi uJesu, futhi ngenkathi E. . . endleleni yaKhe laphaya intombazane yafa, mhlasimbe ohambweni lwaKhe esuka ogwini lolwandle ekhuphukela endlini, futhi kwafika isigijimi, sathi, "UngaMkhathazi, usevele ufile."

21 Futhi bhekisisani ukuthi uJayiru wathini, wathi, "Indodakazi yami ilele eduze nokufa. Kodwa woza ubeke izandla zaKho phezu kwayo futhi izosinda. Izophulukiswa." Lowo ngumJuda, ngoba wayengumfundisi, urabi.

22 Kodwa nimqaphelile yini umRoma, oweZizwe na? Ngenkathi uJesu efika ukuzophulukisa inceku yakhe, wathi, "Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami." Futhi wathi, "Nje. . . Ngingumuntu ongaphansi kwegunya," wathi, "Ngithi ku*lo*muntu, 'Hamba,' ahambe; ku*le*ndoda, 'Woza,' futhi ize." Niyabo, wayethi kuJesu wamazi Yena uqobo, uKristu, ukuba negunya phezu kwazo zonke izifo, njengoba nje wayenegunya phezu kwamadoda ayikhulu ayengaphansi kwakhe. Niyabo? "Nami ngingumuntu ongaphansi kwegunya, futhi ngithi kulomuntu, ongaphansi kwegunya lami, 'Woza,' noma 'Hamba,' futhi uyakwenza. Khuluma iZwi nje, inceku yami izophila." Yilokho kuphela.

Nikuqaphelile ukuthi uMfundisi wethu wathini na? Waphenduka, wathi, "ANgizange ngithole ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli." Niyabo? niyabo?

23 "Khuluma iZwi nje, yilokho kuphela okumele ukwenze," ngoba wayazi ukuthi zonke izifo, nakho konke ukuhlupheka, nayo yonke into yayingaphansi kokulawula kukaKristu, konke Afanele akwenze ukukhuluma iZwi.

Futhi Wathumela iZwi laKhe futhi wabaphulukisa. Niyabo? Ngakho siyazi ukuthi siyalidinga iZwi laKhe. LiyiZwi, liyasikhulula.

24 Manje, kulobubusuku, uma nigcina izindikimba, ngifuna nje ukunikeza isisekelo esincane. Izolo ebusuku, isizathu

sokuba ngingakhulekelanga abagulayo izolo ebusuku, into yokuqala, angazanga noma bakuvumelile yini ukukhulekela abagulayo ebandleni lapha, noma qha. Bengazi ukuthi bebenakho ebandleni, isigejane sabazalwane ubekuxhasa, kodwa bebenakho ebandleni, futhi ngifuna ukuqaphela kakhulu ukuthi angenzi lutho olukhubekisayo noma oluthiyayo. Ngifuna nje ukwenza njengoba ngicabanga ukuthi kuyinto efanele ukuyenza. Bese kuthi-ke ngi—kuthi-ke ngibabonile bonke abagulayo nabahluphekile, nomfowethu wathi impela, bakukholiwe.

25 Namuhla, kwenzeke ngathola lelibandla le-Open Bible ukuthi, he, abangani abamangalisa kangaka enginabo kulelobandla; uMfowethu Mitchell ubengomunye wabo. Ngobunye ubusuku sasinomhlangano ebandleni likaMfowethu Mitchell, futhi umkhwenyana wakwakhe wayengenawo uMoya oNgcwele, ngangingamazi umkhwenyana wakwakhe, noma indodakazi yakhe, futhi wayelapho, futhi wayeyinyumba, wayengenabantwana. Kwathi ngisakhuluma, uMoya oNgcwele wakhuluma entombazaneni futhi wathi, "ISHO KANJE INKOSI, 'Uzoba nomntwana,' nomyeni wakho uhlezi laphaya, ISHO KANJE INKOSI, 'Wemukela uMoya oNgcwele,'" wemukela uMoya oNgcwele. Ngalobo busuku ngemva kwenkonzo, uMfowethu uBryant wayengenabo nhlobo abantwana ngalesosikhathi, ngakho baqala ukumbiza ngokuthi, "Mkhulu," izinyanga eziyisishiyagalolunye, yayilapha ingane.

26 Ngakho, Akukaze nje kwehluleke. UyaLiqaphela, lapho Lisho njalo, liphelele ngaleyondlela. Ngineminyaka engamashumi amahlanu nantathu ubudala, ngabona imibono kusukela ngisengumfanyana omncane, Angikaze ngibone noyodwa wayo wehluleka, futhi awukwazi ukwehluleka. UNkulunkulu angeke ehluleke, leyo yinto eyodwa uNkulunkulu angeke ayenze, Angeke ehluleke, futhi Angeke nje, ngoba UnguNkulunkulu.

27 Futhi manje sifisa ukufunda iZwi elithile, ngapha, eBhayibhelini, ngoba ngiyazi ukuthi amazwi ami ayizwi lomuntu, *Lawa* ngamaZwi kaNkulunkulu, ngakho Angeke lehluleke. Futhi manje, kulobubusuku, okokufunda umBhalo okuncane ngifuna ukuthatha izindawo ezithi azibe zimbili. Okokuqala, ngifuna ukufunda e . . . nje ngokwanjalonjalo manje, indlela yokufunda nje, kanye nenkonzo yanjalonjalo encane yokukusekela.

28 UMlayezo, uma ungayitholi into, vele . . . u—ufanele ube nokukholwa. Yinye kuphela indlela yokuphulukiswa noma yokusindiswa, futhi leyo ingokukholwa. Imizwa yakho, lokho ngeke kukusindise, imibono yakho yengqondo, ngeke kukusindise, kufanele kube ukukholwa. Futhi ukukholwa aku, akukukwazi, akusoze kwehluleka lapho ukukholwa ngempela.

29 Manje, kubi kakhulu ukuthi asinayo cishe inyanga lapha kulelidolobha, kwelinye ihholo elikhulu, lapho uma nje sithatha imilayezo ngokukholwa, sakhele abantu kulokho, makuthi bonke lababantu abagulayo esakhiweni sonke lapha, ohlezi lapha, mabeze, qaphelani ubusuku nobusuku, nibone ukuthi kwenzekani, qaphelani ukukholwa kuze kube khona ngempela okuthize okubambelelisa okwehange, khona-ke bayakuthola. Lapho ku...lapho ukukholwa kubambelelisa okwehange, akuyindawo, akusoze kwanyakaziswa. Ayikho into engake inyakazise ukukholwa.

30 Ngithola emgqeni womkhuleko cishe amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye kuwo wonke amakhulu oza emsamo...O, ngizwile abantu bethi, "O, Mfowethu Branham, nginakho konke ukukholwa." Khona-ke benzani phezulu lapho na? Niyabo? Niyabo? Niyabo, wena...yithemba esikhundleni sokukholwa. Niyabo? Uma ukukholwa, wazi okuthize, kungokuyikho qho nje, uma uhlezi lapha, kuyikho qho kakhulu kunokuba uhlezi lapha.

31 Kungumuzwa wesithupha, imizwa emihlanu ngeke ikuthinte, wumuzwa wesithupha. Imizwa emihlanu ngeke imemezele ukukholwa nhlobo, ngumuzwa wesithupha, futhi umuzwa wesithupha yilowo omemezela zonke izikhali zikaNkulunkulu. Futhi zonke izikhali zikaNkulunkulu azilutho ukuthi i...omunye weminzwa eminhlanu uzomemezela. Niyakukholwa lokho na?

32 Bukani: Ukukholwa, uthando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ubumnene, ububele, ukukhuthazela, ngubani ongakumemezela lokho ngenye yesayensi yenu na? Awukwazi ukukwenza. Kungukukholwa, umuzwa wesithupha ophumayo futhi ukumemezele, "Kuwukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto ezingabonwayo." Awukuboni, ukunambithe, ukuthinte, ukuhogele, noma ukuzwe; uyakukholwa. Kunjalo.

33 Futhi manje, ukube-ke bengifa, futhi wena...ulofu wesinkwa ubungasindisa ukuphila kwami, futhi ulofu wesinkwa ubiza amasenti angamashumi amabili nanhlanu, futhi unginike inani lokuthenga lolofu wesinkwa, amasenti angamashumi amabili nanhlanu na? Ngingajabula ngendlela efanayo nginamasenti angamashumi amabili nanhlanu njenge...futhi ngijabule kakhulu njengokungathi benginolofu wesinkwa kwesinye isandla, ngoba nginenani lokuthenga lesinkwa. Futhi uma unokukholwa, futhi akunandaba ukuthi kuyithatha isikhathi eside kangakanani into ukuba yenzeke, usunakho. Yilokho kuphela. Niyabo? Lizothenga lokho okucelayo.

34 O, ngifisa sengathi besingathola okungako nje khona lapho, uma nje ninga, wena, uma nje ubamba okungako. Hhayi inkolelo yengqondo, kodwa esuka enhliziyweni, ngakho-ke akukho-muntu, lutho noma yikuphi, okungake kukunyakazise

kukususe kukho. Lapho into ethize ibambelelise okwehange, lokho kuyakuxazulula, ubungeke ukuphike lokho njengoba ubungaphika ukuthi ubuyisidalwa esingumuntu. Niyabo? Ingxenye yangempela nje. Sifanele sikukholwe.

35 Manje, ngifuna ukusho lokhu, ukuthi angisiyena umphulukisi ngokukaNkulunkulu, abantu bangibiza kanjalo, kodwa angiyena; akekho umuntu ongumphulukisi. Uma indoda idlula futhi ithi ingumphulukisi, mbhekisise lowomfo, kukhona okungalungile. Nami angiyena uMsindisi, ngingaba u—u—uMsindisi njengoba nami ngingaba umphulukisi, ngoba "Yena," uKristu, "*wa*linyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe *si*philisiwe thina," yinkathi edlule.

36 Zonke izono emhlabeni zathethelelwa ngenkathi uKristu efa eKalvari. Niyakukholwa lokho na? Kukhona ukubuyisana kweGazi e-altare ngenxa—ngenxa yezono zezwe, kodwa angeke kukusize ngalutho uze ukwamukele futhi ukuvume. Futhi Angeke neze asebenze kukho uze uqale usho, futhi usukwamukele ngokukholwa, khona-ke UngumPristi oMkhulu ukuba asinxusele ekuvumeni kwethu. Niyabo, Angeke anyakaze, U—Ubophezelekile, akukho Angakwenza, uze uqale ukwemukele futhi ukuvume futhi ukukholwe ngenhliziyo yakho, khona-ke kuyaMthinta, bese-ke Angahamba ayosebenza kukho futhi anxusele wena. Nakho la ukhona.

37 Ngakho-ke, omunye wathi, "Ngithole ukuphulukiswa ezandleni zami. Ngithole ukuphulukiswa . . . " O, awu, uma kusesandleni sakho, manje-ke kwenzekani eKalvari na? Kwenzekani eGazini leNkosi uJesu na? Uma uhlikihla amafutha, noma—noma igazi, noma umusi, umlilo, noma kungaba yini, kungukuphulukisa, manje-ke kwenzekani eKalvari na? Kwenzekani eGazini likaJesu Kristu na?

38 Akumangalisi abantu bedidekile kakhulu. Ukube nje bebengama umzuzu ukuze baqonde ukuthi ukuthi kubekhona . . . ukuthi okumbumbulu kumemezela kuphela ukuthi kukhona okwangempela. Kodwa abantu uvele nje . . . abazi ukuthi bahambe ngaphi. Kuningi okuphumile eGameni lika "Moya oNgcwele," kuphume okuningi ngegama loku "phulukisa ngokukaNkulunkulu," kuze kube abantu abanengqondo, ngeke neze ubasole ngokwesaba. Kodwa khumbula, mngane, ngokuqinisekile njengoba nje kukhona oyedwa ongaqinisile, kufanele kube oqinisileyo.

39 Kodwa yini—yini isono na? Ngukungakholwa. Kuyini ukulunga na? Ukukholwa. Futhi isono kuphela ukulunga okuphendukezelwe. Ayini amanga na? Yiqiniso elihlanekezelwe. Yini ukuphinga na? Isenzo esifanele esihlanekezelwe ngendlela engafanele.

40 Niyabo, zonke izinto . . . Zimbili kuphela izinto, okulungile nokungalungile. Futhi uSathane akayena umdali,

munye kuphela uMdali, lowo nguNkulunkulu. USathane uphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile. Kodwa inqobo nje uma unokukholwa kuMdali, kuYe, uNkulunkulu uyakubuyisela endaweni yakho efanele.

41 Ukuba-ke kwakukhona uhlanga lommbila futhi bekubekwe isinqamu kulo na? Beluzokhula lugwegwile. Cosha, susa zonke izithiyo ezithiya lokho, kanye ne—kanye nelanga, kubheke phezulu, ekugcineni lizokhulisa lolohlanga lommbila luqonde ngqo futhi. Khipha umoya omubi, bese-ke bethi abantu, "Awu, akukho okwenzekile kimi." Wena—wena khula ubuye uqonde ngqo, uma ukukholwa lokho, futhi wazi ukuthi kukhona okwenzekile kuwe, akukho okukuvimbela ukuthi uqonde ubuyele ngqo emuva futhi. Wena nje bambelela kukho.

42 Njengelanga, ilanga liyi . . . lilawula yonke impilo yezitshalo. Il-a-n-g-a lilawula yonke impilo yezitshalo. Lapho kufika intwasahlobo, leyombewu encane ilele emhlabathini, ungeke wayifihla. Akunandaba, ubeka itshe phezu kwayo, izosebenza indlela yayo iphume ngaphansi kwalowokhonkolo, futhi iphakamise ikhanda layo phezulu, futhi idumise uNkulunkulu, ngukuphila. Impela. Yingakho ungangcwaba olwandle, ungashisa umzimba wakho ube umlotha, kodwa uzo, akunandaba ukuthi bayoke benzeni kuwe, uzovuka futhi.

43 Bukuphi obakho—bukuphi obakho utshani obuningi entwasahlobo, uma ubeka . . . ukhonkolo wakho, iblo- . . . amadwala phezu kwabo na? Khona ngqo emaphethelweni endlela yakho. Kungani? Yiyo yonke leyompilo engaphansi lapho. Lapho lelolanga liqala ukukhanya phansi, nakuba bungaphansi kukakhonkolo, bufanele buthole indlela yabo yokuphuma, buphakamise ikhanda labo, futhi budumise uNkulunkulu. Ngokuqinisekile nje njengoba lelolanga liqala ukubushaya, buyaphuma. Kunjalo.

44 Futhi ngokuqinisekile njenge N-d-o-d-a-n-a, Elawula konke ukuPhila okuPhakade, uma Ishaya leyo emilile, iNzalo eyamiselwa ngaphambili, kwenzeka okuthile, Iyabambelela, futhi lapho Ibambelele lapho, isonta indlela yaYo kuzo zonke izithiyo esikhona, ekugcineni Iphakamise ikhanda laYo bese ithi, "Makabongwe uNkulunkulu, ngangazi ukuthi kwakunjalo." Yilokho kuphela. Lokho ukukholwa. Kukholwe. Ungazenzisi nje, yiba yikholwa, langoqobo.

45 Yilokho engikubizele e-altare okokuqala, izolo ebusuku, ngaphambi kokuba siqale umugqa womkhuleko. Besingaba nomugqa womkhuleko izolo ebusuku, kodwa besinabantu e-altare, sifanele sibeke isisekelo kuqala.

46 Ufanele ugxume futhi ubambe okuthile, leyo yindlela yaseMelika yokukwenza, ubambe njengenkawu efinyelela kunoma yini ecwebezelayo. Asibuyele emuva, futhi sifinyelele esisekelweni esiyiVangeli, uKristu, futhi lapho, phezu

kwaleloDwala, wakhe ukukholwa kwakho, phezu kukaKristu, hhayi phezu kwenganekwane ethize yomfo othize ofikayo, nenqwaba yokukhangisa ngokweqile, nokuvusa. Buyela kuleloZwi, futhi uhlale lapho kuleloZwi, futhi unga—ungalishiyi leloZwi, uma kuphambene neZwi, kuyeke, uma kuhambisana neZwi, kukholwe.

47 Futhi kuyawenza umqondo, kunengqondo, iMfundiso yeBhayibheli, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Uma kungekho ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu . . . Kuyisiqiniseko sokuvuka kwethu. Ngike ngabona isithunzi sendoda ebulawa umdlavuza wezicubu zomzimba namathambo iphiliswa ngokuphelele. Ngibone abantu bekade befile, izitatimende zikadokotela zibhaliwe, basebefile amahora angamashumi amabili nane futhi bavuka baphila futhi. Lokho ngingakufakazela ngezitatimende zikadokotela. Niyabo? Ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. UNkulunkulu unguNkulunkulu, Angeke ahluleke. IZwi laKhe linjalo, kodwa ufanele uLikholwe, ungaLicabangeli nje, uLikholwe.

48 Manje, kuzodlula isikhathi esiningi kakhulu ngikhuluma nani, ngeke ngize ngifinyelele ngisho endikimbeni yami. Futhi manje sifuna . . . Uma ungithola ngisho noma yini, ngifundisa noma yini engekho ngokomBhalo, ungikweleta khona ukungitshela ngakho. Yebo mnumzane, ifanele ivele kuleliBhayibheli. Kufanele kube isithembiso sikaNkulunkulu. Futhi-ke siyazi ukuthi lapho . . .

49 Udokotela wangitshela, ngesinye isikhathi, indoda ekahle, bengifisa ngabe benginesikhathi, nginitshele indaba yayo, ukuthi yaphendulwa kanjani, kodwa wathi, "O, ngiyakholwa, Billy, uma noma ngubani obengathinta lesosigxobo, phandle *lapho*, futhi akukholwe, bayosinda, okukholwayo."

50 Ngathi, "Dokotela, ubani ongaba nokukholwa ekuthinteni isigxobo na? Ukukholwa akuyona inganekwane. Kufanele kusekelwe kokuthile. Yini enye ePhakade kuneZwi likaNkulunkulu na?"

51 Njengomfo omdala oyikhaladi ezansi eningizimu, wathi, "Ngincamela ukuma phezu kweBhayibheli kunokuma eZulwini." Umphathi wakhe wambuza ukuthi kungani. Wathi, "Awu, iBhayibheli lathi, 'Kodlula amazulu nomhlaba, iZwi laMi alisoze.'" Ngakho uma iZulu nomhlaba kungasekho, usekhona ngoba umi eZwini. Futhi yilokho nje, yima eZwini, Liyiqiniso, UNkulunkulu waLisho. Akukho okunye, akukho okunye ezweni okuyothatha indawo yaLo. Akukho sikhungo, akukho hlelo, akukho lutho olungathatha indawo yeZwi likaNkulunkulu. Futhi noma yini ephambene naLo ayilungile endleleni yami yokucabanga.

52 Manje, asifunde lapha manje, eBhayibhelini lethu eliyigugu, kuJohane oNgcwele isahluko se 12 nevesi lama 20. Khona-ke

ngifuna ukuthatha amaHeberu 13:8 kube ukwesekela okuncane, futhi leyo yindikimba yomkhankaso njalo. Manje, kuJohane oNgcwele, isahluko se 12, ivesi lama 20 . . . Manje, ngokuvamile ngobusuku bokuqala ngaphambi kokuphulukiswa, ngisondela kulendikimba, futhi isikhathi ngasinye ngizame ukwehluka kancane.

*Kwakukhona amaGreki athile kwababekhuphukele ukukhuleka emkhosini:*

*Bona-ke beza kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, bacela kuye, bathi, Nkosi, sithanda ukubona uJesu.*

*UFiliphu weza watshela u-Andreya: no-Andreya futhi . . . tshela uJesu.*

53 Futhi kumaHeberu 13:8, iBhayibheli lathi, esahlukweni se 13 samaHeberu ne—ivesi le 8, ukuthi:

*UJesu Kristu unguye izolo, . . . namuhla, naphakade.*

54 Manje, sifuna ukusondela kulombuzo. Futhi manje, nge—nge—ngethemba ukuthi angithathi isikhathi eside kakhulu ngalaba bantu abahluphekayo abahlezi lapha kulezi zihlalo ezinamasondo, nemibhede, nezinhlaka, futhi—futhi basesimweni esibi, bekhubazekile kanjalo. Kodwa khumbula, ukuthi ba . . . Mhlasimbe laba bantu bangahle baphile impilo ejwayelekile bekhubazekile, kodwa kungahle kube khona indoda ehlezi phandle lapho enenkathazo yenhliziyo futhi ingakwazi, ingahle idingeke ibe nokwayo khona manje, kungenjalo izofa kulobubusuku. Niyabo? Asazi. Asenze nje umBhalo ucace futhi ube sobala kakhulu, uma singakwazi, ngosizo lukaNkulunkulu, ukuthi sizokwazi uku—ukusiza iqembu lonke ukuthola . . . sibone ukuthi sikhuluma ngani.

Manje, nginemiBhalo embalwa, ebhalwe lapha, engifuna ukubhekisela kuyo, futhi manje, ngifuna nikhuleke kanye nami ngenkathi ngisakhuleka.

55 Manje, umbuzo uwukuthi . . . Njengesithunywa senkolo, ngiye ngaba nesipiliyoni sokuhlangana nazo zonke izinhlobo zezinkolo. Ngabungazwa, muva nje, eBombay, eNdiya, nezinhlobo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene zenkolo, futhi ngayinye yazo yaphika uKristu noNkulunkulu. Niyabo? Lelo nje yi—lelo nje yiqembu elincane labo. Niyabo? Futhi kukhona zonke izinhlobo zonkulunkulu, zonke izinhlobo zayo yonke into. Yingakho ngingakwazi . . . Ngiyazibuza ukuthi kungani thina eMelika, ngaphansi kukaNkulunkulu oyedwa, sinebandla ngaphansi kwawo wonke amagumbi anjalo, asikwazi ukuhlangana, sibe nenhlanganyelo? Angiqondi nje. Ngiyabaqonda labo bantu, u—unkulunkulu ohlukile. Kodwa kuthiwani ngathi na? Niyabo?

56 Manje, futhi ngayinye inombono wazo ongaqondakali. Kodwa zonke zazo, abasunguli bazo kwakungamadoda aphila

futhi afa futhi ambelwa futhi asekhona. Kodwa yinye kuphela yazo eqinisileyo, futhi lobo ubuKristu. Ngokuba uMsunguli wobuKristu waphila, wafa, wabuye wavuka, ukufakazela ukuthi WayenguNkulunkulu, futhi ubelokhu ephila iminyaka eyizinkulungwane ezimbili enathi, lokho kuMenza abe nguye izolo, namuhla, naphakade.

57 Manje, ngifunda kuJohane oNgcwele. Sizobuyela emuva, eyokuqala kaJohane oNgcwele, futhi nje ngiqale ukukhuluma ngoJesu isikhashana futhi sithole ngaYe.

Manje, uma bengingasho kuwo onke a—amaKatolika lapha, "Ingabe ibandla lakho liyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na?"

"Yebo."

58 ILuthela, iBaptisti, amaPentecostal, iChurch of God, i-Assembly of God, o, wonke umuntu ubengathi, "Ya, impela." Awu, muningi kakhulu umehluko ndawana thize, kufanele kube khona okungalungile noma okuthize okulungile ndawondawo, kimi, kakhulu ku—kakhulu kuhlakazekile. Manje, manje, yinye kuphela indlela esingathola ngayo, namuhla, uma Efana namuhla njengoba Wayenjalo izolo, ukuthola ukuthi Wayeyini izolo, bese-ke sikuvivinya ukuthi noma ngabe Usenguye yini namuhla. Manje, Unguye izolo, namuhla, naphakade.

59 Manje, lamaGreki eza eNkosini uJesu, noma, eza kuFiliphu waseBetsayida, bona—bona ngokwabo babenokufisa ukwazi. Babezwile ngoJesu futhi babefuna ukuMbona. Manje, kukhona isisho sakudala, "Ngivela eMissouri, ngibonise." Manje, lawomaGreki ayeyinto efana naleyo, thina . . . babefuna ukuMbona.

60 Angikholwa ukuthi kukhona noma ubani owake wezwa iGama laKhe elimangalisayo liphefumula ngaphandle kwalowo ofuna ukuMbona. Ngiyakholwa uma bengingathi, kulobubusuku, kulezizethameli, "Bangaki kini abangathanda ukubona uJesu?" Wonke umuntu ubuyophakamisa isandla sakho. Ngabe kunjalo na? Sonke besingathanda ukuMbona, yonke indawo. Awu-ke, imiBhalo ayinakuqamba amanga, futhi uma lamaGreki esitholile isicelo sawo sokuMbona, pho kungani singekwazi, uma Esenguye na? Manje, ake nje ucabange ngakho.

Ngiyahamba, thatha isikhathi sami. Angifuni ukuba nibe nokwethuka, thula nje isikhashana futhi ukucabangisise, njengoba sikhuluma.

61 Manje, uma Esenguye (Futhi uNkulunkulu angithethelele ngokusebenzisa lelogama ukwenza iphuzu, *uma Esenguye*. Siyazi!), manje, pho kungani singaMboni uma bakwazi ukuMbona na? Manje, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje, indlela kuphela esingathola ngayo ukuthi ngabe siqinisile noma qha ngukubuyela emuva futhi sithole ukuthi

Wayeyini izolo, futhi khona-ke Unguye namuhla, futhi uyoba phakade.

62 Manje, uma nazi ukuthi lenkulumo mbiko yenziwa nini, yenziwa eTestamenteni eLisha, kwakunguPawulu, siyakholwa, ebhala iNcwadi yamaHeberu kumaHeberu, ehlukanisa umthetho emseni. Futhi siyathola lapha ukuthi wathi, "UJesu Kristu unguye izolo," eTestamenteni eLidala, "namuhla, naphakade," ofanayo. Awu-ke, ngikholwa ukuthi eTestamenteni eLidala kwakusenguJesu Kristu, Ngikholwa ukuthi iNsika yoMlilo eyalandela . . . eyahola u-Israyeli ehlane kwakunguKristu, iBhayibheli lathi Yayinguye. Noma yimuphi umfundisi uyazi ukuthi YiNgelosi yeSivumelwano, okwakunguKristu.

63 Kwase kuthi-ke ngenkathi uJesu elapha emhlabeni Wathi, "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona. Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Futhi emva kokuba leyoNsika yoMlilo seyenziwe inyama, esimweni somuntu, iNdodana kaNkulunkulu, yakha phakathi kwethu, yaZibonakalisa futhi yafakazisa uNkulunkulu, ngokuba Yayingukubonakaliswa kukaNkulunkulu enyameni, "UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo," kwase kuthi-ke emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, nokwenyuka uSawulu waseTarsu wayesendleleni yakhe, ehlela eDamaseku, ukuyobopha labo bantu abase bengamaPentecostal, futhi endleleni yakhe eyehlayo washaywa ukuKhanya okukhulu, iNsika yoMlilo efanayo, yabuyela kuNkulunkulu, yavela kuNkulunkulu, yabuyela kuNkulunkulu, futhi Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi?"

Wathi, "NginguJesu," niyabo, "futhi kunzima kuwe ukukhahlela ameva."

64 Manje, ukubuyela emuva futhi sithole, siyakubona lokho . . . sizo—sizokusekela kulo lonke iviki elikhulu, sikwenze kucace kakhudlwana. (Kodwa a—a—angilicuphanga iwashi lami namhlanje ebusuku, ngibuka lelowashi lasodongweni *lapho*.) Ngakho sizozama ukulishiya kanjalo.

65 Manje, WayeseTestamenteni eLidala eyiNsika yoMlilo, Wayesemhlabeni eyiNdodana kaNkulunkulu ibonakalisiwe, uNkulunkulu ofanayo, enyameni, futhi manje Usesesimweni sikaMoya oNgcwele, uNkulunkulu ofanayo ezikhundleni ezintathu, uYise, iNdodana noMoya oNgcwele, ezenza Yena uqobo . . . Yingakho uMathewu athi, "Bhaphathiza eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele." KwakungubuBaba, ubuDodana, noMoya oNgcwele, uNkulunkulu ofanayo esebenzisa izikhundla ezintathu ezehlukene, uNkulunkulu ezehlisa.

66 UNkulunkulu, ongcwele, akakwazanga ukuza esonweni. Kulungile. "Ngisho i—isilo esithinte intaba kumelwe sidushwe." Kwaba kukhulu ukuzamazama baze bamemeza ngisho nakakhulu "Makukhulume uMose kungabi uNkulunkulu," ngoba isono sasisibi. Futhi khona-ke uNkulunkulu, enziwe inyama phakathi kwethu, wasebenza nathi, uThimothewu wokuQala 3:16, "Ngokungangabazeki inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni," lapho Wayesenyameni, Ezenza aziwe, ethi ukusondela kancane kithi.

67 Manje, ini . . . Wafa ukuze ahlenge iBandla nakho konke okwakukuYe. Manje, Ufikile ngesimo sikaMoya oNgcwele, uNkulunkulu phezu kwethu, uNkulunkulu enathi, uNkulunkulu ekithi. Niyabo? UNkulunkulu ekithi, onguye izolo, namuhla, naphakade, uMoya oNgcwele esebenza, efeza, eqedela imisebenzi kaKristu, eyayikuKristu. Manje, khumbulani, konke lokho uNkulunkulu ayeyikho Wakuthululela eNdodaneni yaKhe, uJesu Kristu, futhi konke lokho uKristu ayeyikho Wakuthululela eBandleni laKhe, niyabo, kwenza uKristu abe nguye izolo, namuhla, naphakade.

68 Manje, qaphelani, ake sithole ukuthi Wayeyini. Manje, "Ekuqaleni . . ." Soku 1 . . . UJohane isahluko 1. Sizohlala kuJohane kulobubusuku. Kusasa ebusuku sizongena kwenye, ukufunda nokunye nokunye, omunye umbhali, endaweni ethile enye eBhayibhelini. Kodwa qaphelani, manje, ekubhaleni kukaJohane, kuqala emuva lapha, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi."

69 Manje, liyini izwi na? Izwi liwumcabango oveziwe, ufanele ulicabange ngaphambi kokuliveza. Yingakho uJesu athi kubaFarisi, "Nina bazenzisi, ningasho kanjani okuhle, nokuyilapho . . . ningiNgibize ngolungile . . . ?" nokunye nokunye, ngenkathi Azi ezinhliziyweni zabo babecabanga okubi ngaYe.

70 Wathi, "Ngokusuka enhliziyweni . . . u—u—umlomo ukhuluma okusuka enhliziyweni." Uma ungakwenzi, khona-ke yi—yimicabango yakho ezivezayo, futhi uveza enye into, khona-ke kuwukuzenzisa, akuveli enhliziyweni yakho.

71 Ngakho "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu," Lalingakavezwa ngaleso sikhathi. "ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu," iZwi, uKristu uyiZwi. Manje, ngenkathi Efika emhlabeni . . . Ekuqaleni wayekhona iZwi, futhi, iZwi lomcabango, kwase kuthi-ke iZwi, lake lezwakaliswa e-Edene, Liba ngokoqobo.

72 UNkulunkulu angeke asho noma yini futhi eke aphinde aKubuyisele emuva. Yingakho sisekela amathemba ethu—ethu kuNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu engenasiphelo,

Angeke aguquke. Uma ngingasho okuthile namuhla, kusasa ngingahle ngicabange okwehlukile. Ngonyaka ozayo ngingahle ngihlakaniphe ngokwedlulele kakhulu, futhi ngingacabanga ngokwehlukile, ungakwazi; kodwa hhayi uNkulunkulu, zonke izinqumo siphelele. Lapho uNkulunkulu ake asho noma yini, iyiPhakade ngaleyondlela, ayisoze yaguqulwa.

73 Futhi manje, Nkulunkulu . . . Yingalesosizathu uJesu wayeyiWundlu likaNkulunkulu, lahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngoba kwakusemicabangweni kaNkulunkulu, kwathi lapho iZwi livezwa, khona-ke Laba yinyama futhi lakha phakathi kwethu. O, ngiyakuthanda lokho, lokho kunginika ithemba elinjalo. Ngi—ngi—ngiyakuthanda lokho ngoba kunikeza isiqiniseko ukuthi uNkulunkulu omkhulu ongenasiphelo, esimkhonzayo, wayazi zonke izinto futhi wasazi ngaphambi kokuba umhlaba uze udalwe. Yeka ukuthi kukhazimula kanjani lokho!

74 Abantu bayesaba. Wesabani na? "Labo Abazi ngaphambili, Wababiza; labo Ababizile, Wabalungisisa; labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile." Wesabani na? Bambelelani kuNkulunkulu njengabantwana abancane, futhi nibambelele kuLo, futhi nikholwe nguNkulunkulu uYihlo, Uyanithanda, Wenze konke Ayengakwenza ukunihlenga. Wena u . . .

75 NeBhayibheli lathi umphikukristu wadukisa bonke ababephila emhlabeni, abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu kusukela ekusekelweni komhlaba. UNkulunkulu, ngokwazi kwaKhe ngaphambili, wakubona, wafaka igama lakho eNcwadini yaKhe, futhi yingalesosizathu ulapha kulobubusuku, ngoba uluphendulile lolobizo. UNkulunkulu wakwazi ngaphambili futhi wakubiza, futhi ulwemukelile ubizo lwaKhe.

76 Manje, ungasho, unga . . . Ngi . . . Yilowo nalowo uzifunela okwakhe ukusindiswa ngokwesaba nangokuthuthumela. Ngethemba ukuthi igama lami laliphakathi kwalokho, kodwa uma lalikhona, igama lami njalo eNcwadini yokuPhila, labekwa lapho ngaphambi kokusekelwa komhlaba, lapho iWundlu lahlatshelwa mina emcabangweni kaNkulunkulu, Akanamkhawulo. Awumane nje wenze uphathe ibhizinisi mahlaphahlapha nje, angiliphathi ibhizinisi lami kanjalo, futhi ubungeke uphathe elakho, uNkulunkulu akayena owaKhe. UKristu uzela ukuzohlenga labo uNkulunkulu ababone ngaphambili futhi wabazi ngaphambili ukuthi bayoza kuYe. Awujabule ukuthi ufikile na?

77 Futhi manje, ngenhlonipho. Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe ngilapho na?" Angazi, uma useBandleni, ulapho. Futhi okuwukuphela kwendlela yokungena eBandleni: "NgaMoya munye, sonke sabhaphathizwa sibe mzimba munye," ngoMoya oNgcwele. AsiLijoyini. Ukujoyina ibandla kulungile,

kodwa ngibe nomndeni wakwaBranham iminyaka engamashumi amahlanu nantathu, futhi abakaze bangicele ukuba ngijoyine umndeni, Ngazalelwa kuwo, ngakho ngiba nguBranham ngokuzalwa. Futhi yileyondlela umuntu aba ngumKristu ngayo, lapho ezelwe nguMoya oNgcwele. Bese kuthi-ke uma uzelwe nguMoya oNgcwele khona-ke uzoba, ngoKristu, ungofile kuKristu uthatha iNzalo ka-Abrahama yobuKhosi, futhi niyizindlalifa kanye no-Abrahama, ngokwesithembiso.

78 Yini, iBandla eliyesabayo na? Bengihlala ngizibuza ukuthi yini indaba ngabantu bePentecostal. Ba—bano—banokukholwa okwanele kokuqhumisa izwe, futhi banokukholwa okwanele kwazo zonke izinhlobo zokuphulukisa, kodwa bayesaba ukukusebenzisa. Lowo ngudeveli. Uma singalephula lelothunzi lobumnyama ngaphansi kwabantu, kukhona okuzokwenzeka. Futhi leyo yinhloso yami lapha.

79 Ngithola abantu ababili, izigaba ezimbili, esinye sazo singoqavile. O, ngokwendawo bayazi lapho bekhona ngokwamukela uKristu, bebekwe kuYe, kodwa abanakho ukukholwa. Futhi ngithola amaPentecostal, ukukholwa okuningi, kodwa awazi ukuthi angobani. Njengoba nje indoda inemali ebhange, ayikwazi ukubhala isheke, nomunye une. . .akanayo imali ebhange futhi angabhala isheke. Uma uke ukwazi ukuhlanganisa laba ababili unokuthile. Futhi uma ngike ngathola abantu bePentecostal ukuba baqonde ukuthi bangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, behlezi ezindaweni zaseZulwini, khona manje, kuKristu Jesu, ukuthi uNkulunkulu wazi ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, usimisele ukuba sishumayele i. . .Wesabani na? Akunandaba ukuthi kuyini, shwibeka phandle lapho; thatha iZwi likaNkulunkulu futhi uLikholwe.

80 Hlala, ngane, bese uthi uyiNzalo ka-Abrahama, lapho u-Abrahama ebiza izinto ezazingekho njengokungathi zazikhona ngoba uNkulunkulu washo njalo. Indoda eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, umkayo enamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, futhi kwathiwa babezoba nengane. Ucabanga ukuthi benzani na? Behlele kudokotela bese ethi, "Lungisa izinto, sizoba nengane."

Ngani, bathi, "Indoda iyahlanya." Noma ngubani uthatha iZwi likaNkulunkulu, izwe libabiza ngokuhlanya.

81 UPawulu wathi, "Ngendlela ebizwa ngokuthi ukuhlubuka," uyahlanya, "ngikhonza kanjalo uNkulunkulu wawobaba." Ngiyajabula ukujoyina izandla naye kulobubusuku. Kunjalo. UPawulu, ungoqavileyo kakhulu eZwini, futhi.

82 Manje, qaphelani. Wayeyini na? Noma ngabe Wayeyini, Ubelokhu Eyikho futhi uyohlala eyikho. Manje, ngifuna niqaphele, WayeyiZwi, Wayengumcabango kaNkulunkulu woMhlengi oveziwe. YiLokho Ayeyikho. WayeyiZwi. Futhi

kumaHeberu isahluko se 4 nevesi le 12, iBhayibheli lasho ukuthi "IZwi likaNkulunkulu linamandla, liyashesha, kunenkemba esika nhlangothi zombili, laHlulela ngisho nemicabango ne . . . yenhliziyo." UNkulunkulu uyazi ngisho nokusemqondweni wakho. Manje, bamba lokho. "IZwi likaNkulunkulu linamandla, libukhali, kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi LaHlulela imicabango yenhliziyo." Lelo yiZwi.

Yilesosizathu bengakwazanga ukumkholwa uJesu, abakwazanga ukuMqonda.

83 Wathi kubo, "Hlolani imiBhalo, Yiyo efakaza ngaMi. Hlolani imiBhalo." Wathi kulabo bapristi abafundile, izifundiswa, "Hlolani imiBhalo, Yiyo efakaza ngaMi." Ngamanye amazwi, "Bona . . . Ngibonakalisa imiBhalo, ngenza iZwi likaNkulunkulu libe ngokoqobo. Hlolani imiBhalo." Babenomqondo ongowabo ngakho, kodwa Wayenendlela eyiyo.

84 Babenendlela uMesiya ayefika ngayo mhlawumbe ezansi emihumbeni yegolide futhi axhawulane noKayafase, umpristi omkhulu, uma Eza endleleni yakhe. Kodwa bukani ukuthi Ubayini, Akazange eze ngokuphambene nemiBhalo, Ufika ngayo impela indlela umBhalo owasho ngayo. Wathi, "Hlolani imiBhalo, Yiyo efakaza ngaMi. Bona . . . Ngenza imiBhalo ibonakaliswe. Futhi uma Ngingenzi ukubonakaliswa ngemisebenzi yaMi, khona-ke ningaNgikholwa."

85 O, isitatimende esinjena pho! Umuntu owayengathatha iZwi likaNkulunkulu elilotshiwe futhi aLenze ukuba lenzeke phambi kwabo ngqo, futhi noma kunjalo, ngamasiko abo, baMenqaba. Akumangalisi, "Ibanzi indlela, eholela ekubhujisweni." Kunjalo. "Isango lincane, nendlela iyingcingo, eholela ekuphileni." UKristu emi lapho! Wonke umuntu ufuna into ethize ewubukhazikhazi, enobuningi ubulivilivi kuyo; uKristu uyintobeko.

86 Lapha kungekudala, indoda *ethile*, umngane wami, ngangifanele ngiye eChicago ngiyokhuluma engqungqutheleni, futhi ngenxa yokuthi emateyipini ngenza inkulumo-mbiko ukuthi kwakungewona ama-apula u-Eva awadlayo, indoda yayenqaba. Futhi ngenkathi ikwenza, yahamba futhi yathola enye indoda, ukuphatha okukhulu okuvela esikhungweni esikhulu saseChicago, nendoda yafika ukuba izokhuluma.

87 Futhi ngenkathi ikwenza, yayinakho konke kubhalwe encwadini, cishe *kanjalo*. Intshumayelo yobuhlakani, ubungeke uyizwe engcono. Kodwa yathola lapho ikukhuluma, kwakungahambelani nabantu beVangeli eligcwele, leyomibono yobuhlakani. Yeza igqishazela phezulu lapho ikhiphe isifuba sayo ngaphandle, yayisikuphonsa ngaphandle, futhi yaze ngisho yahlekisa ngabo nakho konke. Kodwa lapho ikwenza, yathola ukuthi akuhambanga kahle kangako. Ngakho yathola ukuthi

yayinephutha, yavala izincwadi zayo, futhi yehla namahlombe ayo eyethile, ihamba yehla ngokuzithoba.

88 Kwakukhona ongcwele omdala owayehlezi laphaya, ekhoneni, wadushuza ngesibhakela owayeseduze kwakhe, wathi, "Ukube ubenyuke ngendlela ehle ngayo, ngabe wehle ngendlela akhuphuke ngayo." Ngakho lokho kucishe kube njalo.

89 Amadoda, azelwe nguMoya kaNkulunkulu, azi uNkulunkulu ngesehlakalo, futhi kuhambisana ncamashi neZwi. Bayakutshela, "UMoya oNgcwele ungukuxhuxhuma. Awukhona *lokhu*, Awukhona *lokho*." Kuphambene neZwi, iZwi lathi kunjalo.

90 UPetru wathi, ngosuku lwePhentekoste, "Isithembiso ngesenu, kubantwana benu, njengalokhu. . . labo okude, abaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Ngokwalowo othandayo, makeze.

91 Manje, qaphelani, uJesu wayengama lapho futhi athi, "Uma Ngingenzi imisebenzi uBaba waMi athi Ngiyoyenza, khona-ke ningaNgikholwa. Manje, hambani nihlole imiBhalo. Uma uzibuza ngalokho eNgikwenzayo, khona-ke hambani nihlole imiBhalo; ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade; futhi YiYo efakaza ngaMi. Manje, buka imiBhalo futhi ubone ukuthi uphila kuluphi usuku."

92 Wathi, "Nina bazenzisi, nibona ilanga lishona, nithi, 'O, libomvu futhi liyehla, kusasa lizokuna. Uma lishona licacile, kusasa kuzoba usuku oluhle.'" Wathi, "Niyakwazi ukuhlola ubuso bezibhakabhaka; kodwa isibonakaliso sesikhathi anikwazi ukusihlola. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Manje, nanso inkulumo-mbiko, eyayiMenza afane njengoba uNkulunkulu wayenjalo. EyiNdodana kaNkulunkulu, Wayelingana noNkulunkulu. Njengoba iBhayibheli lasho, hhayi ukuMenza impango ngoba WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni.

93 Manje, lokho. . . Bhekisisani esizama ukukubeka manje, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Nangu Wayemi lapha, neZwi likaNkulunkulu libikezela lokho okwakuzokwenzeka ngalolosuku, futhi nangu Wayemi lapha ekwenza. Futhi Wathi, "Hlolani imiBhalo; ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, futhi ningenakukholwa yiMi, kholwani yimisebenzi."

94 Manje, bhekisisani manje. Yimiphi imiBhalo eBhayibhelini, iTestamente eLidala, eyafakaza ngoJesu na? Wathi, "ImiBhalo, YiYo efakaza ngaMi." Manje, uma Esho lokho . . . Yonke imiBhalo ingukuphefumulela, futhi ngifuna ukubona lowomfo ongitshela ukuthi IyaZiphikisa. AyiZiphikisi, Ivumelana ngokuphelele. "Kufihliwe emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda,"

uJesu washo njalo, “kodwa kwakuyokwembulwa ezinganeni zona eziyofunda.”

95 Ngakho abaFarisi babenendlela yabo ngakho, kodwa nakhu kufika uNkulunkulu nendlela yaKhe ngakho. Niyabo? AbaFarisi becabanga ukuthi kuzoba nga*le*ndlela, Wayephumile ngokuphelele emiBhalweni ngokucabanga kwabo, kodwa ngokuphelele WayesemiBhalweni ngendlela yaKhe uQobo yokucabanga. Ngakho ufanele ube nomqondo owawukuKristu kuwe ukuze wazi umBhalo. Futhi manje, “Bona,” uJesu wathi, manje, “YiYo efakaza ngaMi.”

96 Manje, singathatha ukugijima elinye ihora noma amabili, futhi ungalokothi udlule ngisho izinto ezilotshwe ngoJesu, yonke indlela “UyiNzalo yowesifazane” ensimini yase-Edene, u-Isaya 9:6 nguye owakhuluma ngokuzalwa kwaKhe, nakho konke ngokuthi, “nentombi iyakukhulelwa,” nakho konke esikhuluma ngakho.

97 Kodwa manje, njengoba sizokweqa lokho, imiBhalo ekhuluma ngokuthi Wayeyofika kanjani, nonke niyazi ukuthi bakugeja lokho ngamamayela ayisigidi, ukuthi Wazalwa kanjani, “Ephansi, ehlezi phezu kwethole lembongolo lingena,” futhi behluleka ukukubona. Ephuma esizweni esincane sakwaJuda nokunye nokunye, nge “Betlehema laseJudiya, wena ungomncinyane kubo bonke ababusi, kodwa kuzakuphuma kuwe u—uKristu, uMkhululi.” Futhi behlulekile ukukubona konke lokho.

98 Manje, kodwa sizokweqa konke lokho futhi sikwehlisele emBhalweni owafakaza ngemisebenzi yaKhe, ngoba Wavele wathi, “Uma ningenakuNgikholwa, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo, ngokuba ifakaza ngaMi.” Ngamanye amazwi, “Anikholwa ukuthi ngazalwa ngokuzalwa intombi nto; anizikholwa zonke lezi zinto okukhulunywe ngazo ngomBhalo; uma konke okuniphuphuthekisile, futhi anikwazi ukukubona, khona-ke hlolani ukuthi imisebenzi eNgiyenzayo iyafakaza ngaMi, ngoba ilotshiwe emBhalweni. Manje, niyabo, ngoba UyiZwi, futhi WayeyiZwi eTestamenteni eLidala, UyiZwi eTestamenteni eLisha, futhi UyiZwi manje, onguye izolo, namuhla, naphakade, ngakho Angeke aLiguqule, LiyiZwi njalo.

99 Manje, imisebenzi yaKhe: Manje, uma besingajika, singene eTestamenteni eLidala, kulobubusuku, futhi sithathe into eyodwa efakaziwe. . .Imisebenzi yaKhe yafakaza ngokuthi, sizophenya, futhi kubhaleni phansi, nina enikubhala phansi, uDuteronomi isahluko se 18. Vele ufunde sonke isahluko, kungaba. . .zisize ngokuyifunda yonke into, uDuteronomi 18. Manje, siyazi ukuthi uMose walishiya iGibhithe, engalwesabi ulaka lwenkosi, futhi walandela iNgelosi kaNkulunkulu,

ngoba wathi ukuthukwa kukaKristu kuyingcebo enkulu kuneyaseGibhithe.

Manje, kubhekisise. Abantu iGibhithe elalibabuka njengezigqila nabaxovi bodaka, UMose wababona bengabantwana bakaNkulunkulu abakhethiweyo.

100 Manje, wayengumprofethi obizizwe. Abaprofethi baziwa ngaphambili, babekwa eBandleni, njengezikhundla, izikhundla ezinhlanu eBandleni. Okokuqala kukhona abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli. Niyabo? Lezo zikhundla uNkulunkulu azibeka eBandleni. Bese kuthike kukhona iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye kuleloBandla, okungukukhuluma ngezilimi, iziprofetho, nokunye nokunye kanjalo. Muningi umehluko phakathi kwabaprofethi, indoda enikeza isiprofetho, nomprofethi. Isiprofetho sifanele sahlulelwe ngabahluleli ababili noma abathathu, umprofethi uzalwa engumprofethi futhi akhuliswe engumprofethi. Niyabo? Kumiselwe ngaphambili nguNkulunkulu kulowonyaka.

101 Qaphelani, manje, uMose, enguloyo uNkulunkulu ayemvusile, futhi ekuhambeni kwakhe, kuDuteronomi 18 wakhuluma kubantwana bakaNkulunkulu futhi washo ukuthi "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." UMose, umholi, owakhulula u-Israyeli, wakhuluma lokho, "INkosi uNkulunkulu wethu iyakuvusa phakathi kwenu, kubafowenu, umProfethi onjengami. Futhi uNkulunkulu wathi, 'Kuyokwenzeka ukuthi lowo ongayikukholwa ukuthi lowoMprofethi uyonqunywa phakathi kwabantu.'" [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngakho lokho kungukuvusa umprofethi.

102 Manje, siyaqonda ukuthi Wayezoba nguNkulunkulu-mProfethi-omkhulu. Ngikholwa ukuthi uDavide, umprofethi uDavide wayenoMoya kaNkulunkulu kuye. Wayezoba . . . UJesu wayeyiNdodana kaDavide. Bukani uDavide, inkosi elahliweyo, yaphuma ku—yaphuma kubantu bayo uqobo, ikhuphukela esiqongweni seNtaba yeMinqumo, wabheka emuva wakhala ngomuzi ngoba wanqatshwa. Eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili ukusuka lapho, iNdodana kaDavide, inkosi elahliweyo, yakhalela iJerusalema. Kwakuyini leyo na? UMoya kaKristu ngesabelo kuDavide.

103 Bheka uJosefa, ezelwe phakathi kwabafowabo, ezondwa ngabafowabo, ethandwa nguyise, unikezwe ingubo enemibala eminingi, efana ngokuphelele noKristu, qaphelani, wathengiswa cishe impela ngezinhlamvu zesiliva ezisondele emashumini amathathu, waphonswa emgodini kuthiwa ufile. Ekulingweni kwakhe, umphathizitsha nobhusha, omunye walahleka nomunye wasindiswa, into efanayo, uKristu esiphambanweni.

104 Futhi wakhushulwa kulo mgodi, futhi wahamba futhi wahlala ngakwesokunene sikaFaro, futhi akekho owayengabona uFaro ngaphandle kokungena ngoJosefa. NoJesu wavuswa futhi wahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu, futhi akekho ongeza kuBaba ngaphandle kweNdodana. Futhi lapho uFar-. . . Lapho uJosefa eshiya ukuba ahambe phambi . . . kwakhala icilongo phambi kwakhe, amadolo onke adingeka ukuba aguqe, "UJosefa uyeza." Futhi lapho uJesu eshiya lesosiHlalo sobukhosi ukuba abuyele emhlabeni, icilongo lizokhala, futhi wonke amadolo ayoguqa futhi zonke izilimi ziyovuma.

105 Besingadlula kanjani kubaprofethi, futhi sikhombise ukuthi lowo kwakunguMoya kaNkulunkulu, kaKristu, kulabo baprofethi! Uyakukholwa lokho na? Niyabo, wenza nje, wafanekisa uKristu, kwase kungena ekugcwaleni komProfethi.

106 Bukani uMose, ukuthi wayefihlwe kanjani ebungwini, njengoKristu, kanjalonjalo, wayiswa eGibhithe, futhi, o, noma yini nje, umnikezeli-mthetho, nokunye. Wavele waveza uKristu. Kwase kuthi-ke lapho uKristu efika, kuYe kwakungukugcwala kwalowoMoya. Niyabo? Lokho kwakungu, "Ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakukuKristu." Babenakho ngesilinganiso.

107 Into efanayo, kulobubusuku, ngoMoya oNgcwele. UNkulunkulu, ngoSuku lwePhentekoste, leyoNsika yoMlilo, yahlakazeka yaba iziLimi zoMlilo eziningi, iziLimi ezaba yimfologo. Esikhundleni se . . . UNkulunkulu wayeZehlukanisa phakathi kwabantu. Ngalolosuku, uNkulunkulu wayekuMuntu oyedwa, uKristu. Manje, UseBandleni lonke, emhlabeni wonke. Amen.

108 Mfana, lokho kungenza ngizizwe nginokukholwa . . . ? . . . Makadunyiswe uJehova uNkulunkulu! Haleluya! Ungangivumeli ngikwethuse, angihlanyi. Uma ngihlanya, vele ungishiye ngendlela engiyiyo, ngizizwa ngingcono ngalendlela. Ngakho nje, ngi—ngi . . . Cabanga ngakho! Kukhona okungixhuxhumisayo. Bheka, ukuthi ngomusa kaJesu Kristu ngisindisiwe kulobubusuku. Uma Efika, kwenza mehluko muni na? Sizohamba naYe. Amen. Kubiza ngaphezu kwazo zonke izigidi zezigidi zamazwe anqwabelene egcwele yonke into, nempilo eyanele ukuphila iminyaka eyizigidi eziyikhulu, Bengisayolokhu ngingeke ngihwebe ngezindawo nalowo muntu nhlobo. Ukwamukelwa emndenini kaNkulunkulu, futhi ngibe ngomunye wabantwana baKhe, yeka inhlanhla okuyiyo! Futhi abantu bayayifulathela into enjengaleyo.

109 Qaphelani, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami. Futhi kuyothi noma ubani ongamlaleli lo Mprofethi uyonqunywa phakathi kwabantu." Kwakuyimfundiso leyo.

110 Manje, funda kwehle njalo ezansi kwesahluko sakho se 18 lapho, UNkulunkulu wathi, "Nansi indlela ozomazi ngayo umprofethi." U-Israyeli njalo wayefundiswa ukukholwa abaprofethi babo. Ngabe kunjalo na? Kunjalo ngqo-. . .IZwi likaNkulunkulu leza kubani na? Umprofethi. "IZwi leNkosi lafika kuJeremiya umprofethi." "IZwi leNkosi lafika. . ." KwakuyiZwi leNkosi. Futhi siyazi ukuthi leNdoda yayiyiZwi likaNkulunkulu lonke. Haleluya! YayiyiZwi.

111 Futhi u-Israyeli wafundiswa ukuba akholwe abaprofethi babo. Manje, Wathini na? "Uma kufika phakathi kwenu ongowomoya, noma umprofethi, Mina, iNkosi, Ngiyakuzibonakalisa kuye ngemibono, ngikhulume kuye ngamaphupho. Futhi uma lokho akushoyo lomprofethi kufezeka, khona-ke nimuzwe, kodwa uma kungafezeki, khona-ke ningamuzwa." Awu, lokho kunengqondo kuphela.

112 Impela, uma ekushilo futhi kungafezeki, kuyiphutha. Uma umprofethi efika ngokuprofetha, akufezeki, khona-ke bhekisisani futhi nibone uma kufezeka, uma kungafezeki, khona-ke akulungile; uma kufezeka, kuyiqiniso. Yileyondlela u-Israyeli abazi ngayo abaprofethi babo.

113 Iminyaka engamakhulu amane manje, ngokuzalwa kukaKristu, bekungeke kube nabaprofethi; uMalaki wayengumprofethi wokugcina. O, babenabaprofethi bamanga abaningi, kodwa ngiqonde abaprofethi bangempela. Ngolunye usuku, ezansi le emkhombeni waseBetlehema, kwaphuma uMntwana. Kwakukhona izazi zasempumalanga, zalandela isibonakaliso saKhe, inkanyezi yabaholela kuYe. Kwakukhona abelusi bezimvu entabeni behla ukuzoMbona. Wakhula njengengane; Wadlala njengomfana.

114 Ngolunye usuku kwakukhona umprofethi, evela ehlane, ogama lakhe linguJohane, wathi, "Isikhathi sase siseduze, phendukani nizilungiselele." UWoodsman, isixhwanguxhwangu, o, nendoda ebukeka inoboya, uma ifika emnyango wakho, ubungayixosha. Futhi yena, umfo obukeka enoboya, waphuma lapho, futhi wema osebeni olunodaka lwaseJordani, futhi wathi, "Phendukani, ngokuba uMbuso weZulu ususondele." Futhi wawathethisa lawomahlelo wayesewatshela ukuthi ayengawakuphi, futhi Wayenocezu lwesikhumba semvu ezisonge ngaso; wayebazonda abesifazane abaziphatha kabi. Ngani na? Umoya ka-Eliya wawuphezu kwakhe.

115 U-Eliya wabathethisa, into efanayo, phandle, ukuthi u-Israyeli ngalolosuku, futhi washo lokho zonke izivumokholo zabo, nokuthi babethandane kanjani neNenekazi lokuQala lezwe, njengoba iMelika yenzile, futhi iziphathisa okwalo, futhi begqokisa okwalo, nalowoJezibele, futhi wamtshela ngakho. Kunjalo. Akazange ancenge kukho.

116 Nakho kufika futhi, esimweni sikaJohane umBhaphathizi, wethembisa futhi ngezinsuku zokugcina ukuphuma futhi. UMalaki 4, hhayi uMalaki 3 ngenkathi uJohane efika, "Isithunywa saMi phambi kwaMi." UMathewu 11:6. Kodwa futhi, niyabo, lapho lo-Eliya efika, masinyane emva kwalokho izwe lizoshiswa ngomlilo nabalungileyo bahamba baphume phezu lomlotha wababi; kwakungeyena uJohane lowo.

117 Niyamqaphela, "Uzobuyisela ukukholwa kwabantwana kubuyele koyise." Futhi ngenkathi kufika lona wokuqala, wabuyisela ukukholwa kwabantwana kubuyele koyise. Niyabo? UMlayezo osemusha, lapho, wawuya kobaba abangokhokho. Futhi namuhla bazosuka kuwo, futhi ngesinye isikhathi kuyovela oqhumisayo, akekho owaziyo ukuthi uvelaphi nokuthi uhamba kanjani, kodwa uzongena ngqo futhi abuyisele ukukholwa kwasekuqaleni kwePhentekoste ukuthi bona, inkumbi yeRoma eliKatolika nesibotho, zidle lowoMuthi oligugu uze ube yisiqu. Kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngiyakubuyisela, isho iNkosi. Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Lapho lelolanga lakusihlwa liphuma, kuyoba khona uMuthi lapho nesithelo kuwo ukuba sivuthwe. Amen.

118 Mbhekisise njengoba siMbona. Nangu eza ngolunye usuku, futhi wabhaphathizwa nguJohane eJordani, UJohane wafakaza, akekho omunye owakubonayo. Akekho obonile, oMegi... inkanyezi eyabonwa uMegi, babengabheki yona. Kunjalo. Uza kuphela kulabo Ababhekile. UJohane wayazi, wayebheke isibonakaliso. Yileyondlela, nazi ngomBhalo, futhi niyosazi isibonakaliso seqiniso sikaNkulunkulu. UNkulunkulu njalo uhamba ngesibonakaliso.

119 Qaphelani, laboMagi, babebheke isibonakaliso, ngoba bayazi ukuthi iNkanyezi kaJakobe yayizovuka. Bebefanele... UDaniyeli wayenguthisha wabo ngesikhathi waye...Niyazi ukuthi bavelaphi, amaMede-o-Pheresiya amadala. Basahlezi ezitaladini, bebathathu eqenjini kanjalo, befundisisa. Futhi ngenkathi bebona lesosivakashi saseZulwini sivela, bazi ukuthi kukhona okwakulungela ukwenzeka, futhi bayilandela, baze bamthola uMesiya.

120 Futhi lapho befika eJerusalema, bethi, "Uphi Yena, ozelwe eyiNkosi yabaJuda na?" ibandla elikhulu lalingazi lutho ngakho; kubi nje njengoba kunjalo namhlanje, into efanayo. Kwakulapho-ke futhi.

121 Sithola ukuthi uJohane wayesethi-ke, "Lowo owasho kimi, ehlane, 'Hamba ubhaphathize ngamanzi,' wathi, 'Lowo oyobona uMoya wehlela phezu kwaKhe futhi uhlala, NguYe ozobhaphathiza, uMoya oNgcwele noMlilo.'" NoJohane wayemi lapho elindele isibonakaliso, ebhekile.

122 Wathi, "Ukhona Oyedwa phakathi kwenu..." Wayeqinisekile ngempela ukuthi kwakuzokwenzeka, wathi,

"Kukhona Oyedwa phakathi kwenu, khona manje, eningamazi." Kukhona oyedwa *lapha*, uma ubuka.

123 Ngemva kwesikhashana wabona isibonakaliso phezu kwaKhe, wathi, "Nga—ngaMbona, ngasibona isibonakaliso saKhe sobuMesiya. Nakho kufika lokho kuKhanya kukaNkulunkulu njengejuba, kuza kwehlela phezu kwaKhe, iPhimbo elivela eZulwini lithi, 'Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo.'"

124 Waphuma lapho wangena ehlane, walingwa izinsuku ezingamashumi amane nobusuku bukaSathane, ezilungiselela inkonzo yaKhe. Ngenkathi Eza ehla ngaseJudiya, futhi ephuma lapho, Uqala ukukhulekela abagulayo, izibonakaliso nezimanga ziqala ukuMlandela; abantu baqala ukukholwa, abanye babo bahlekisa ngaYe, abanye babo, uJohane ayebalungiselele, baMqonda.

125 Omunye wabo phakathi lapho kwakungu-Andreya, umfowabo kaSimoni Petru. Wahlala ubusuku bonke naYe waze waqiniseka ukuthi WayenguMesiya, wayesehamba-ke watshela uSimoni, waletha uSimoni.

126 Manje, uSimoni . . . babeyizifundiswa, uma uke wayifunda impilo yabo. Uyise wayengumfundisi wangempela, umFarisi. Manje, bhekisisani, siza ngqo kokuthile. Ningakugeji. Futhi u-Andreya wabiza uSimoni ukuba eze naye emhlanganweni, futhi kwathi nje uSimoni enganyukela eBukhoneni beNkosi uJesu, Lowo u-Andreya ayemtshele ukuthi wayenguMesiya . . .

127 Sengiyacabanga ngizwa uSimoni ethi, "NgizoMazi, ngiyokwazi ukuthi Ubukeka kanjani. Ubaba wami omdala wangitshela ngelinye ilanga, wathi, 'Simoni, ngiyaguga, bengicabanga ukuthi ngizombona uMesiya, besilangazelela ukuMbona iminyaka, kodwa ngiyaguga kakhulu manje, mhlasimbe ngeke ngiMbone. Kodwa ningadukiswa nina bafana, uma Efika esizukulwaneni senu, khumbulani kuzoba nenqwaba yezinkolelo-ze ezidlulayo, kodwa khumbulani, ningamaHeberu, nifanele nikholwe iZwi likaNkulunkulu. Futhi lalelani, lapho lowoMesiya efika, Uyoba yilokho impela iZwi elathi Uyoba yikho, UMose, umprofethi wethu, wathi, "INkosi uNkulunkulu wethu iyakuvusa umProfethi phakathi kwethu." Manje, sekube ngamakhulu eminyaka singenaye oyedwa. Sinazo zonke izinhlobo zezinto, kodwa siMbhekile.'"

128 Nakhu kufika uSimoni, ehamba enyukela eBukhoneni beNkosi uJesu. Futhi uJesu, embheka, wathi, "Bheka, igama lakho unguSimoni, futhi wena uyindodana kaJona." Lokho kwamkhipha isitashi. Niyabo, Akazanga kuphela ukuthi wayengubani, Wamazi lowobaba wakhe omdala omesabayo uNkulunkulu. Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona."

129 NoPetru waqonda, khona lapho, ukuthi Lowo kwakunguye lowomProfethi, ngoba Wayekhulume iqiniso ncamashi. Futhi wawa ezinyaweni zikaJesu, futhi uJesu wamenza inhloko yeBandla eJerusalema, engenamfundo eyanele yokusayina igama lakhe uqobo. Kodwa wayenesambulo, yilokho okudingekayo. Kulungile. Kwamthokozisa uNkulunkulu ukumbeka, ngoba waqonda, ngokomBhalo, ukuthi Lowo kwakunguMesiya.

130 Kwakukhona oyedwa owayemi lapho, ogama linguFiliphu, kwamxhuxhumisa kakhulu kakhulu kwaze kwaba... Wayenokutadisha iBhayibheli nendoda ethiwa uNathaniyeli. Kuthi akube ngamamayela ayishumi nanhlanu, uma ukubheka, ukusuka lapho uJesu ayeshumayela khona ukuya lapho kwakuhlala khona uNathanayeli, mhlawumbe kwamthatha usuku ukuya lapho. Futhi wafika lapho, futhi wathola uNathanayeli ngaphansi komuthi, ekhuleka.

131 Sengiyambona uNathanayeli ethi, "O, Jehova, sibheke ukufika kukaMesiya. O, sisebugqilini bamaRoma. Kuyoze kube nini sihlupheka ngalendlela na? O, Jehova omkhulu, Mthume."

Futhi sengiyambona uFiliphu emi lapho, ethi, "Makabongwe uNkulunkulu, linda ngize ngimtshele. Linda nje ngize ngimtshele."

132 Futhi emva kwesikhashana, lapho ethi, "Amen," wasukuma, akazange akhulume naye ngesixheke samawolintshi, noma isixheke sesithelo esisamawolintshi, kumbe noma yini ayenayo. Wathi, "Woza, ubone ukuthi Ngubani esimtholile, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa. Lona yilowo Mesiya."

133 O, sengiyambona uFiliphu ethi kuye, "Manje, ima kancane lapha," noma uNathanayeli ethi, "Manje, linda, sibe nezifundo zeBhayibheli ezinhle kakhulu ndawonye ukuba wena ufinyelele ekugcineni okujulile kanjalo. Manje, kukhona okungalungile."

134 Kulungile, ake singene nje engxoxweni yabo. Sengiyabezwa abanye babo bethi...yizwa uFiliphu ethi, "Manje, awume kancane, asifundiswanga yini, ngokwemiBhalo yethu, ukuthi lapho uMesiya efika Uyoba i...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...umprofethi na?"

"Impela, uMose washo njalo, siyabakholwa abaprofethi bethu, futhi Uyoba ngumprofethi."

"Uyamazi lowomdobi omdala, ezansi lapho, owathenga kuye leyonhlanzi, futhi akakwazanga ukusayina irisidi na?"

"O, uSimoni na? Yebo. O, ngangimazi ngisho uyise, uJona, impela, ngimazi kahle."

135 "Umfowabo, u-Andreya, umlethe emhlanganweni izolo, kwathi nje engangena eBukhoneni baloJesu waseNazaretha, Wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni futhi wayeyindodana kaJona. Kuthiwani ngalokho na?"

Sengiyamuzwa uNathanayeli ethi, “ngizohamba ngiyozibonela mina.”

Unezinhlonipho ezingaphezu kwamaMelikana, bazohlala ekhaya futhi bagxeke, ngeke bahambe, ngisho nokuzama ukuthola. Ngakho bazo . . .

136 Nakhu bazofika, futhi bazungeza ijika bekhuluma. Kwase kuthi-ke ngenkathi ekhuphukela eBukhoneni bukaJesu, manje bhekisisani, futhi kwathi nje engangena eBukhoneni bukaJesu, uJesu wambuka wayesethi, “Wena . . . Bheka um-Israyeli, okungekho nkohliso kuye!” Lowo kwakunguJesu izolo, “Bheka um-Israyeli, okungekho nkohliso,” futhi Wambuka.

Wena uthi, “Awu, bheka indlela ayegqoke ngayo.”

137 Qhabo, mnumzane. Bonke babegqoka ngendlela efanayo, abantu basempumalanga, bembethe ingubo. Wayengaba umGreki, wayengaba, o, umGibhithe, egqoke umshuqulo wamadoda, wonke . . . niyabo, Akazange amazi ngengubo yakhe. Wathi, “Um-Israyeli, okungekho nkohliso kuye!” Hhayi um-Israyeli kuphela kodwa, “Uyi—uyindoda eqotho.”

138 Futhi wama, wase eMbuka, wathi, “Rabi,” okusho ukuthi “mfundisi,” “wake Wangazi nini na? Yisikhathi sokuqala ngqa sihlangana. Ungazi kanjani Wena na?”

NoJesu wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi komuthi, ngakubona.”

139 Sengiyabona, ngiqalaza, futhi nakho kumi umBhishobhi *S’bani-bani* lapho owayethi, “Owokuqala ohambela omunye waleyo mihlangano *uzosontiswa*.” Kodwa akwenzanga mehluko, wabona uMesiya wangokomBhalo, futhi wagijima wenyuka, futhi wawa phansi ezinyaweni zaKhe, wayesethi, “Rabi, Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli; Wena uyiNdodana kaNkulunkulu.” Yileyondlela uJesu aZikhombe ngayo izolo, bazi kanjalo-ke ukuthi Wayenguye.

Bheka uJesu ephenduka, wathi, “Ngoba Ngikutshelile lokhu uyakholwa na? Uzobona okukhulu kunalokhu.” Lokho kwakuyinkomba yaKhe.

140 Besingaya kanjani kuBartimewu oyimpumputhe, futhi siqhubeke sehlele kwabanye abaningi, abanye abaningi, futhi siqhubeke sehle njalo!

141 Manje, kunezigaba ezintathu kuphela- . . . izinhlanga zabantu emhlabeni. Ngiyazi anikukholwa, noma, angisho ukuthi *wena* awukukholwa, abaningi abakukholwa. Lo mhlangano, lokhu kuyatheyishwa, kuya emhlabeni wonke. Ngakho baningi abantu abangakholwa. Ngakho baningi abantu abangakholwa. Isizathu sokuthi ngisho ngalendlela futhi ngikhulume ngendlela engikhuluma ngayo, akusi*wena* kahle hle, kodwa lokhu kuhamba yonke indawo. Niyabo? Kufakwe

ezilimini ezingamashumi amabili nesikhombisa ezahlukene. Ngakho abantu abangakholwa . . .

142 Kodwa kunezinhlanga ezintathu kuphela zabantu, lokho ngabantu bakaHamu, uShemi, noJafete; futhi lowo kwakungumJuda, oweZizwe, nomSamariya. Buka uPetru nezihluthulelo ePhentekoste, wehla waya kumaSamariya, wabe esenyuka, indlu kaKorneliyu, futhi kusukela lapho uvulekile. Niyabo, izinhlanga ezintathu zabantu.

143 Manje, kwakukhona izinhlanga ezimbili zabo zibheke uMesiya, lowo kwakungamaJuda namaSamariya. Futhi uJesu wayenesidingo, sokudlula ngaseSamariya. Bukani ukuthi WaZikhomba kanjani phakathi kwamaJuda, ngokuba ngumProfethi uMose akhuluma ngaye. Manje, Ukhuphukela kumaSamariya, wenyukela eSikari endleleni yaKhe eyehlela e—e—eJeriko, kodwa wenyuka wazungeza phakathi, ku—kuma—amaSamariya, bafanele bazi, bafanele baMqonde.

144 Ngakho Uza kulelidolobha laseSikari, futhi kwakukhona indawo encane ebonakala yonke indawo, umthombo; uselapho namanje. Futhi Wahlala phansi lapho, ekhathele ohambweni, wayesethuma abafundi emzini ukuba bayothenga ukudla. Kwathi besahambile, kwaphuma owesifazane othandekayo, wayengowesifazane odume kabi, wayenamadoda amahlanu. Wayeyisihlabani samafilimu esithandwa kakhulu namuhla. Kodwa wayenamadoda amahlanu futhi ehlala neyesithupha, ubezoba semgqeni ngqo namuhla.

145 Kodwa uphuma emzini ukuyokha amanzi; akakwazanga ukuza nabesifazane abahloniphekile. Uma uke waba semazweni angasempumalanga, uthola ukuthi benza umehluko phakathi kwabo, nezintombi ziya kusesekuseni emthonjeni. Uphuma sekuyoshaya ihora leshumi nanye. Futhi nangu ebeka imbiza enkulu, ubufanele . . . kuyinto enkulu kakhulu enentamo ende, amahhuku kuyo. Ngibabonile bebeka eyodwa ekhanda labo, enye ku*le*nqulu, nenye ku*le*nqulu, futhi bahambe baqonde nje, futhi bakhulume njengabesifazane, niyazi, futhi bangalokothi bachithe ngisho iconsi lamanzi. Kunjalo. Bahambe behle badabule lapho, basakwenza, abakwenzi . . . abakashintshi nento eyodwa kusukela ngalezo zinsuku.

146 Futhi ngakho, Wahlala phansi ngakulomthombo. Wafaka amahhuku ukuze isigwedlo sehlisele emthonjeni, wase eqala ukwehlisa ibhakede, futhi wezwa iNdoda ithi, "Sifazane, Ngiphuzise." Futhi wabuka laphaya, futhi nakho kwakuhlezi umJuda ophakathi nendima yempilo. Wayeneminyaka engamashumi amathathu nantathu kuphela, engakabi impela namashumi amathathu nantathu, Kodwa niyakhumbula kuJohane oNgcwele 6, bathi Wayebukeka sengathi Wayenamashumi amahlanu. Bathi, "Wena ungumuntu

ongevile eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi umbonile u-Abrahama na?"

Wathi, "Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA." Niyabo, abakuqondanga. Kodwa Wathi . . . Okwami . . .

147 INdoda ephakathi nendima yempilo ngasemashumini amahlanu, Wayebukeka eneminyaka engamashumi amahlanu ubudala, ehlezi encike emthonjeni. Futhi wathi, "Akusilo isiko kini maJuda ukucela mina, owesifazane waseSamariya, into enjalo. Thina . . . Kukhona ukwahlukana lapha, asinakusebenzelana omunye nomunye."

148 Wathi, "Kodwa sifazane, ukube ubuwazi ukuthi ukhuluma noBani, ubuyocela Mina ukuthi ngikuphuzise, futhi ngiyoletha . . . ngikunike aManzi ongezi lapho ukuzowakha."

Niyabo, Ayekwenza, manje, Wayexhumana nomoya wowesifazane.

149 Manje, niyakhumbula, kuJohane oNgcwele 5:19, uJesu wathi, qobo lwaKhe, "Ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho ebona uYise ekwenza." Bangaki owaziyo lowomBhalo na? Amen. Hhayi, "ENgikuzwayo uBaba ekusho," "ENgibona uBaba ekwenza." Niyabo? Ncamashi njengabo bonke abaprofethi abangaphambi kwaKhe, abancane, benza, njengoba nje uNkulunkulu abatshela.

Wathi, "Angenzi lutho ngize Ngibone uBaba ekwenza."

150 Manje, uBaba wayeMthumele phezulu lapha eSamariya, kumaSamariya, ukubanika uFakazi kaMesiya. AmaJuda ayeKwemukele, abanye babo, abaningi babo baMenqaba, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye abo, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, ya, ngaphezu kwalokho baMenqaba. Kodwa ngenkathi Ebakhombisa ukuthi Wayengubani, khona-ke Wadingeka akhombise iSamariya ukuthi WayenguBani—WayenguBani.

Futhi lona wesifazane wathi kuye, wathi, "Umthombo ujulile, futhi Awunalutho ongakha ngalo."

Wathi, "Amanzi eNgiwanikezayo awukuPhila, aphuphumayo." Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe.

151 Bakhuluma ngendawo okumele kukhonzwe kuyo, eJerusalema, futhi Wathi, "Ubaba wethu, uJakobe . . ." Manje, owesifazane waseSamariya wabiza uJakobe ngoyise, lowo kwakungumthombo awunikeza uJosefa, kusobala, wathi, "Waphuza kuwo, futhi wanika abantwana bakhe, nokunye nokunye. Futhi Wena uthi laManzi Onawo makhulu kunalawo na?" nokunye nokunye, ukukhuluma.

Kwase kuthi emva kwesikhashana uJesu wayithola inkathazo yakhe, niyazi ukuthi yayiyini, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho nize lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Ukhulume iqiniso, ngoba ubunayisihlanu; futhi le ohlala nayo manje akuyona indoda yakho."

152 Manje bhekisisani, manje, abaFarisi baMbona enza lokho, lezozazi ezinkulu zangalolosuku, futhi zathi, "Le ndoda inguBelzabule, umbhuli." Futhi noma ubani uyazi ukuthi ukubhula kungokukadeveli, kungumoya ophendukezelwe.

153 Futhi uJesu wathi, "Nikhuluma izwi elimelene naMi, Ngizonithethelela; kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza lokho, futhi izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa." Niyabo, uMhlatshelo awenziwanga ngaleyonkathi, Unjalo manje.

Bhekisisani lo wesifazane. Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho nize lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Ukhulume kahle. Ubunayisihlanu; nale ohlala nayo manje akuyona indoda yakho."

Mbhekisiseni. Bazalwane, wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunengxenye yabashumayeli e-United States, kulesosimo. Awusho, akulona iqiniso lelo na?

154 Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi." Abanye bathi, "UBelezebule." Futhi wathi, "Ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, kuyoba yilokho Ayokwenza." O, he. Babenokufundisa okungcono. Lowo wesifazane, kuleso—leso simo wakubona ngokushesha.

155 Kwakuyini na? Enye yalezoMbewu yokuPhila, eyagcotshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi akunandaba ukuthi bakholwa kangakanani, lokho ebengizama, nginitshela izolo ebusuku, kuyoba nabaningi abalahlwayo abacabanga ukuthi bangcwele futhi bangongcwele-ngcwele. "Akekho ongeza, uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi bonke uBaba aNgiphe bona bazokuza kiMi." Futhi kwathi nje lapho lokho kuKhanya kungabaneka kuleyoMbewu encane eyamiselwa ngaphambili lapho, IPhila ngokushesha.

156 Bonke abanye babo bonke *balotshwa emBhalweni* futhi bafundiswa *lokhu*, *lokho*, no*kunye*, kodwa wayazi, wathi, "Mnumzane, ngiyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto."

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

157 Wangena emzini, wayengadingi lutho olunye. Wagijima wangena emzini wayesethi, "Wozani nibone uMuntu, Ongitshele

izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya lona." Futhi iBhayibheli lathi abantu bomuzi bakholwa kuJesu ngenxa yobufakazi bowesifazane. Babazi ukuthi lowo kwakuzoba nguMesiya. Uma lowo kwakunguYe izolo, kuzofanele kube nguYe namuhla. Ngabe kunjalo na?

158 Manje, khumbulani, lapho uNkulunkulu enza isinqumo, Angeke asiguqule. Yileyondlela Azikhomba ngayo Yena uqobo ngaso sonke isikhathi, yileyondlela Azikhomba ngayo Yena uqobo kumaJuda, yileyondlela Azikhomba ngayo Yena uqobo kumaSamariya.

159 Manje, thina beZizwe, akukho nesikhathi esisodwa emBhalweni okwake kwenziwa koweZizwe. Qhabo mnumzane. Kungani na? Babengambhekile uMesiya. Sasinesagila emhlane wethu futhi sikhonza isithixo ngalezozinsuku, thina ma-Anglo-Saxon.

160 Kodwa qaphelani, uJesu waprofetha ukuthi uMoya oNgcwele uyofika futhi wenze okufanayo. Manje, sengivala, ngingathanda ukusho lokhu. Njengo-Abrahama . . . Futhi thina, sikuKristu, sithatha iNzalo ka-Abrahama. Manje, ningakugeji.

161 Qaphelani, u-Abrahama, ngenkathi sekufika esikhathini sokwehlukana, yena noLoti, uLoti wehlela eSodoma. Kwase-ke kufika kulendawo lapho, lapho uNkulunkulu ayezozibonakalisa khona Yena uqobo. Futhi ngolunye usuku u-Abrahama, ehlezi emnyango wetende lakhe . . . Wamela iBandla lokomoya. Manje, kunezigaba ezintathu zabantu: ongakholwayo, umzenzisi, nekholwa. Manje, ongakholwayo kwakungowaseSodoma; umzenzisi kwakunguLoti, ibandla elivamile, ibandla lehlelo; futhi i . . . U-Abrahama wayemele iBandla elikhethiwe, elibizelwe ngaphandle, elehlukanisiwe, wayengekho eSodoma kwasekuqaleni. O, he. Bhekisisani, leyoNgelosi ayizange iye kulelo elinye ibandla, Iza eBandleni elikhethiwe.

162 Ezintathu zaZo ziyakhuphuka, futhi bhekani, ngenkathi Zikhuphuka, U-Abrahama waphuma wathi, "Nkosi yami, woza, uhlale phansi," ehlezi emnyango wetende lakhe. Kwakukhona okuthize ngalawoMadoda, Ayeyizihambi, uthuli ezingutsheni Zawo, kodwa okwakuyikho, kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe neziNgelosi ezimbili. Yilokho iBhayibheli elakusho. U-Abrahama waYibiza, "Nkosi, Elohim." Kunjalo. Nkosi uNkulunkulu, Jehova, Okhona ngokwaKhe. Futhi Uyakhuphuka, futhi Zahlala phansi, futhi Zakhuluma no-Abrahama.

163 Futhi ezimbili Zazo zasukuma futhi zehlela eSodoma. Futhi u-Abrahama walinxusela iSodoma, uma Yayingathola amashumi amahlanu, uma Yayingathola amashumi amabili, kwehle njalo kuze kube, Yayingathola ishumi, futhi Yathembisa ukubasindisa ngabayishumi.

164 Qaphelani, ezansi eSodoma kwahamba izithunywa ezimbili, zingenzi noma yiziphi izibonakaliso nezimanga, uBilly Graham wesimanje, into kuphela ezayenzayo kwaba ngukubaphuphuthekisa, nokushumayela iVangeli kuphuphuthekisa ongakholwayo. Qaphelani, futhi sona... zashumayela iVangeli futhi zabizela uLoti ngaphandle, nomkakhe waphenduka ukuba abheke emuva. Siyayazi indaba.

165 Kodwa Leyo eyahlala no-Abrahama, Yibhekisiseni. Yayihlezi ifulathele ngomhlane waYo itende, Yayisithi, "Kuphi...?" Manje, niyakhumbula, wayekade engu-Abrama kwaze kwaba kuthangi nje, futhi wayekade engu S-a-r-a-y-i ngakuthangi, kodwa manje, ngu-S-a-r-a, futhi ungu-A-b-e-r-h-a-m-a. Yathi, "Abrahama, uphi umkakho uSara na?" S-a-r-a.

Yathi, "Usetendeni emva kwaKho."

Futhi Yathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila."

166 Yayazi kanjani ukuthi wayeshadile na? Yayazi kanjani ukuthi wayenonkosikazi, futhi Yazi kanjani ukuthi igama lakhe kwakunguSara na? Kodwa qaphelani, "*Ngi*," "Ngizokuvakashela," ngokwesithembiso Eyayisenzile. *Ngi* yisabizwana somuntu. KwakunguNkulunkulu. Niyabo? Futhi—futhi Wathi, "...isikhathi sokuphila, noSara, kuzoba njalo... usezoba nengane manje," wayeseneminyaka eyikhulu impela ngqo.

167 NoSara, ngaphakathi, wahleka, neNgelosi ihlezi ngaphandle, ifulathele yena, wathi, "Kungani uSara ehleka, ethi ngaphakathi kwakhe, 'Lezi zinto azinakwenzeka'?" Kwakuwuhlobo luni lokufunda umcabango lolo na? Futhi ekugcineni, iNdoda yanikeza isibonakaliso.

168 Futhi uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

169 Akuxakile yini, banendoda, isikhathi kuphela kuwo wonke umlando womhlaba, phandle lapho phakathi kwamabandla amahlelo, enegama elithize elifana no-Abrahama na? A-b-e-r-h-a-m, G-r-a-h-a-m. Kuxakile, akunjalo na? Ibandla lemvelo liyavakashelwa.

170 Yini uNkulunkulu azama ukuyibonisa na? Wenzani lapho na? Lowo kwakunguNkulunkulu esemzimbeni wenyama, ekhombisa ukuthi uNkulunkulu wayezoba seBandleni laKhe ngezinsuku zokugcina, esemzimbeni wenyama, umzimba wezidalwa ezingabantu, enyameni yaKhe, futhi ubuyobonakalisa into efanayo. Ngoba, uma amaJuda ayenakho lokho...Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina amaJuda asithola. Leso kwakuyisibonakaliso sokugcina u-Abrahama

asithola ngaphambi kokuba uMlilo wehle, futhi nakhu, kwehle kuze kube yisikhathi esifanayo namuhla.

171 Uma uJesu Kristu eze eBandleni ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi wakhuluma ngezilimi, futhi waphulukisa abagulayo, futhi wenza izimangaliso, yini into efanayo Ayenza no-Abrahama ohambweni, khona-ke leso kwakuyisibonakaliso sokugcina phambi koMlilo; kwakuyisibonakaliso sokugcina ngaphambi kokuba uNkulunkulu aphendukele kumaJuda.

172 Nakhu, khona-ke abeZizwe bafanele bathole into efanayo, lokho yiBandla elikhethiwe nebandla ngegama. Nangu phandle ngaleya, futhi nangu uMoya oNgcwele lapha kulobubusuku, uJesu Kristu ofanayo owayekhona izolo, namuhla, naphakade, ukwenza into efanayo. UnguKristu ofanayo, Angeke ehluleke, UnguKristu. "Sithanda ukubona uJesu."

173 Uma ngiphumele esitaladini kulobubusuku, futhi ngikutholele indoda, futhi ngayingenisa lapha, yayinezibazi zezipikili ezandleni zayo, nezibazi ebusweni bayo *lapha*, negazi ligeleza liphuma esibazini sesipikili, noma yimuphi umzenzisi ubengakwenza lokho. Kodwa ukuPhila... UNkulunkulu wawuvusa umzimba kaJesu Kristu, futhi uhlezi ngakwesokunene saKhe. Niyakukholwa lokho na? Lokho yi... "UngumPristi oMkhulu ohlezi lapho ukuba asinxusele phezu kokuvuma kwethu." UngumPristi oMkhulu kaNkulunkulu manje.

174 Kodwa ukuPhila okwakukuYe, uMoya wawukuYe, uphansi lapha, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Kungani Engabatshela lokho ababekucabanga, ababekwenza, ababeyikho na? Ngoba WayeyiZwi, "IZwi likaNkulunkulu," AmaHeberu 4 athi, "libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, laHlulela imicabango yenhliziyo." Bese kuthi-ke, uma leliZwi...ukukholwa kungene kuleliZwi, futhi uNkulunkulu ubeke iBandla laKhe ngohlelo, leloZwi liba yinto efanayo. Lokho kwenza uJesu Kristu abenguye izolo, namuhla, naphakade, into efanayo. Niyakukholwa na? Nginiphonsela inselelo yokuthi nikukholwe. Sisihambile isikhathi, ngilokhu ngikhuluma nje. Ngikuphonsela inselelo yokuthi ukholwe ukuthi lokho kuyiqiniso.

175 "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Bekungaba yini futhi, uma umuntu engena lapha, enegazi phezu kwakhe, nezibazi zezipikili, nezinto na? UJesu, lapho Efika, wonke amehlo ayakuMbona, wonke amadolo ayokhothama, futhi zonke izilimi ziyovuma lapho umzimba kaJesu ubuya. Ngiyakholwa ekufikeni kwaKhe kwangempela, umzimba wenyama, wehla emaZulwini ngokumemeza, ngezwi leNgelosi enkulu, icilongo likaNkulunkulu. Abafele kuKristu bayovuka. Kodwa uMoya waKhe ulapha kanye nathi.

176 Futhi njengoba iBandla, njengesivivane, lingena e—ephuzwini, linjalo neBandla ezinsukwini zikaLuther, izinsuku zikaWesley, izinsuku zePentecostal. Futhi manje ngaphambi nje kokuba itshe eliyiNhloko lingene kuLo, leloBandla lizofanele licijiswe liphelele kakhulu, kuze kube yinkonzo efanayo Ayenza lapha, uMoya waKhe ofanayo, obusa kakhulu, izoletha lowomzimba ofanayo kuLo ngqo, futhi ivuse yonke into. Kunjalo impela lokho. Amen. Udumo kuNkulunkulu.

177 Bheka ngemuva kwedola lakho laseMelika, ohlangothini olulodwa kuthi "UPhawu lwaseMelika," ukhozi nezinto esandleni salo. Kungani babeka uphawu lwaseGibhithe futhi bathi, "UPhawu okuKhulu," ngakolunye uhlangothi na? Hhayi imfundiso yesivivane, umbhedo lowo. Ngikhuluma ngento ethize abayishoyo.

178 Njengoba nje, kungani owesifazane, njalo lapho eshada, efaka iveli ebusweni bakhe na? Uza kumyeni wakhe, inhloko, njengoba kwenza uRebeka. Wafaka iveli ebusweni bakhe ukuze ahlangane no-Isaka. Akasenanhloko, eka-Isaka inhloko yakhe. NeBandla lifanele lithobeke kakhulu eZwini likaNkulunkulu, kangangokuthi Ligubuzela ubuso baLo uQobo, Alinanhloko. Likhona . . . Imvelo yowesifazane ukuthobela indoda. Futhi yilokho iBandla ebelifanele ngabe liyakwenza, lizithoba kuKristu, eZwini laKhe, eMfundisweni yaKhe, ezimisweni zaKhe. Alizicabangeli ngokwaLo. Alinanhloko, uKristu uyiNhloko yaLo, hhayi isigejane sabefundisi basesontweni, kodwa uKristu uyiNhloko yaKhe, iZwi, "Futhi uLizwi waba yinyama, futhi wakha phakathi kwethu." Haleluya! "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade," lokho kubonakaliswa okufanayo kweZwi. Niyakukholwa na? Asikhuleke.

179 Baba waseZulwini, kunento eyodwa izinceku zaKho ezinomthwalo ngayo, ukushumayela iZwi. Yilokho kuphela esingakwenza, ukushumayela iZwi nje. "Abanye bawela eceleni kwendlela," abanye bazosukuma baphume, abanye bazohlala futhi bamangale; abanye bazoLemukela, Lizohamba emhlabathini omuhle, Liyoveza imiphumela. Bekuhlale kungaleyondlela, Wena wathi kuyoba ngaleyondlela, futhi yileyondlela okwenzeka ngayo. Bekulokhu kungaleyondlela.

180 Futhi, Baba, ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi kuleliqembu elincane lapha, ukuthi Lizowela ngamaphesenti ayikhulu phezu kwawo wonke umuntu. Mabazi ukuthi ukufika kweNkosi uJesu sekuseduze. Asilazi ihora, akekho owaziyo, nguBaba kuphela owaziyo. UJesu wavuma ukuthi wayengalwazi. UNkulunkulu kuphela owaziyo ukuthi uzoMthuma nini. Kodwa, Nkosi, Wena usinika izibonakaliso, siyazi ukuthi lezozibonakaliso ziyabonakala. Siyabona ngomBhalo ukuthi ukuvakasha kokugcina amaJuda aba nakho, futhi manje ukuvakasha kokugcina amaSamariya aba

nakho, ukuvakashelwa kokugcina abeZizwe abazokwemukela, baprofetha, batshelwa, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

181 O Nkulunkulu, uma Ungangigcoba kulobubusuku, ngoMoya kaKristu, bekungeke kusize ngalutho ngaphandle kokuthi Ugcobe iBandla Lakho ngendlela efanayo, kusithatha ndawonye. Asihlukene, simzimba munye, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona. Futhi kwangathi, lapho inkonzo isiphelile, kwangathi kungangabibikho-muntu obuthaka phakathi kwethu. Kwangathi lapho, bonke, kwangathi leliZwi lingawela ezinhliziyweni zabo, futhi kwangathi bangaLemukela. Futhi sengathi izibonakaliso ezinkulu nezimanga kwenziwe.

182 Uma Usipha khona, Nkosi, siqhubeka nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, uma kungenjalo, khona-ke sizoqhubeka nje nensindiso. Mayenziwe intando yaKho, Nkosi, ukukhombisa ukuthi sikholelwa eVangelini eligcwele, futhi sikholwa ukuthi Usenguye izolo, namuhla, naphakade. Wena unguNkulunkulu ogcotshiweyo waseZulwini, futhi Wena usafana, futhi siyakholwa ukuthi Wena usafana, ukuthi Wena uphila kuze kube phakade, uhlezi njalo ngakwesokunene soMkhulu, njalo siphilela ukunxusa phezu kokuvuma kwethu. Siyakukholwa, Baba.

183 Sikhulekela ukuthi Uzosivalela phakathi, eMbusweni kaNkulunkulu manje, futhi Uzibonakalise kithi. Nabantu mabazi ukuthi lapho ukwahlulelwa kushaya le ndawo, khona-ke, Nkosi, akuzukuba nazaba, makwaziwe. NgeGama likaJesu. Amen.

184 Nginigcine isikhathi eside, ngeke sibize abaningi kakhulu, mhlawumbe sithole bonke abanye kusasa ebusuku. Ungitshelile ukuthi ukhiphe amakhadi omkhuleko, ngiyacabanga. (Bekuyini na? U-A, wokuqala.) U-A, owokuqala kuya ekhulwini. Kulungile. Asikwazi ukubamisa bonke ngesikhathi esisodwa, sivele sibamise ngendlela esingakwazi ngayo, noma ngabe yini esingayimisa.

185 Manje, kunabaningana babo lapha ezihlalweni ezinamasondo nezinto. Manje, kuzomele sinibize, bese kuthi-ke lapho sikwenza, sizobona ukuthi nigcwele phama lapha, lapho inombolo yakho ibizwa. Kodwa njengoba nje . . . Sizobathatha oyedwa nje ngesikhathi, ngoba baningi abakhubazekile.

186 Manje, ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? U-A, wokuqala. Phakamisa isandla sakho, noma ubani onawo. Ikhadi lomkhuleko A, wokuqala. U-A, wokuqala. Ungakwazi yini ukuhamba na? Kulungile. U-A, wesibili. Ubani ono-A, wesibili na? Inenekazi . . . Uthini? Wokuqala? Kukhona okungalungile. Buka ikhadi lakhe lapho, ubone ukuthi unaliphi ikhadi. Inenekazi aliqondanga kahle, alinalo ikhadi lomkhuleko.

Kulungile. U-A, wokuqala. Wena . . . Umzuzu nje, Nenekazi, uma ungenalo ikhadi, akudingekile ube nalo, vele uhlale lapho futhi ukholwe, futhi ubhekisise ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenzani. Uyabo? Kulungile.

187 Bangaki owaziyo ukuthi baningi abaphulukisiwe phandle lapho abangenawo amakhadi omkhuleko, kunokhona lapha na? Bangaki lapha abangenalo ikhadi lomkhuleko (Phakamisani izandla zenu.), futhi niyazi ukuthi uNkulunkulu anganiphulukisa na? Mbhekeni nje manje, imizuzu embalwa nje, uma Efika. U-A, wokuqala. Bekungubani owesifazane obenekhadi lomkhuleko A, wokuqala na? Kulungile. Phakama. Ingabe—ingabe ngowokuqala na? Wesibili, ngubani onowesibili na? Owesithathu. Khuphukelani lapha umzuzu nje, nina nobathathu . . . nina besifazane. Owesibili, owokuqala, owesibili. Owesithathu, ngubani onowesithathu na? Owesithathu, woza *ngapha*. Nina nonke nga*le*ndlela, uma ukwazi ukuhamba, uma ungeke, awu phakamisa isandla sakho, sizokuthwala sikukhuphulele lapha. Uyabo? Owokuqala, owesibili, owesithathu. Owesine, ubani onekhadi lomkhuleko lesine na? Phakamisa isandla sakho. Elesine. Inenekazi khona *lapho*. Woza khona lapha.

188 Elesihlanu, elesihlanu. Kulungile. Elesithupha. Buthanani nje *ngapha* ku*lolu*hlangothi *ngapha*. Elesithupha. Abasizi, omunye, yehlelani lapho, Mfowethu Roy, abanye benu, sizani abantu. Kulungile. Elesithupha. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Elesithupha, ubani onekhadi lomkhuleko lesithupha na? Elokuqala, elesibili, elesithathu. Elesithupha. Kulungile, Nenekazi, khona ngqo emgqeni. Elesikhombisa. Khona *lapha*. Ungakwazi ukusukuma na? O, kulungile. Elesikhombisa. Elesishiyagalombili. Kulungile, lapho, Nenekazi. Elesishiyagalolunye. Khona *lapha*, kulungile, Nenekazi. Eleshumi, eleshumi. Ikhadi lomkhuleko leshumi. Ungakusho kanjani nge-Spanishi na? Ingabe baningi abantu baseSpain lapha? Ele—eleshumi. Kulungile, Mnumzane. Eleshumi nanye.

189 Sifuna nina, wonke umuntu onekhadi lomkhuleko, sizobakhulekela, ngoba si—sibophezelekile ukukwenza; wena bamba ikhadi lakho. Eleshumi nanye. Ingabe litholile . . .? Eleshumi nambili. Lokho kuhle. Manje, manje, eleshumi nantathu. Yima kancane, lelinenekazi *lapha*. Ingabe inombolo yalo leyo na? Kulungile. Eleshumi nane. Kulungile. Manje, ele . . . Ingabe ishumi nantathu lelo na? Ishumi nantathu, *ngapha*. Manje, omunye usukuma ngokungalungile, niyabo. Ingabe ishumi nantathu lelo na? Ishumi nane. Kulungile. Lokho kuhle. Kulungile.

190 Bathola kanjani . . .? Banqwabelaniseni kwelinye igumbi. Manje, ake silinde, futhi sidlulise laba, bese-ke singabangenisa bonke abanye njengoba siza kubo. (Uma nizokuhambisa lokho,

uma kunganyakaziswa, noma, o, bangakwazi ukukuzungeza, ngiqagele, uma i . . . ) Kulungile.

191 Manje, ngamunye wenu phakathi lapha, akukho-muntu ekwazini kwami—kwami, olapha, engimaziyo, ngaphandle uma lona kungumfana kaMfowethu Evans, ohlezi khona *lapha*. Ngi—ngikholwa ukuthi lowo nguRonnie Evans. Ngabe kunjalo, Ronnie? Kulungile. Yilowo kuphela umuntu engimbona esakhiweni engimbonayo engi—ngimazi ngempela, ngaphandle kukaMfowethu Borders, umphathi, nendodana yami, nomaphi lapho eye khona, umelusi lapha; nina nonke niyizihambi.

192 Manje, ngibona cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye enu ayagula. Manje, phezulu kuvulandi osesitezi futhi, akunandaba ukuthi ukuphi, uma ugula phezulu lapho, ungenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyagula." Kulungile. Uyakholwa phezulu lapho. Manje, khumbulani, ngenkathi esabahlela, ake ngininike omunye umBhalo, ngifuna nibhale phansi lemiBhalo futhi niyikhumbule.

193 Manje, abazalwane abangabefundisi, naphandle phakathi *lapha*, bangaki abakwaziyo lokhu, ukuthi iBhayibheli lakusho ukuthi "UJesu ungumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu"? Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo Abe nguye izolo, Ubeyoziphatha ngendlela efanayo namhlanje naYenze izolo. Ngabe kunjalo na? Uyakukholwa lokho, phakamisa isandla sakho.

194 Manje, ngizocela, uma nithanda, uma ningeke ninyakaze manje imizuzu embalwa. Vele uhlale ngenhlonipho imizuzwana embalwa. Unganyakazi nhlobo. Futhi, bakwethu, gcinani abantwana benu beseduze nani njengoba ningakwazi manje, ngoba asisebenzani . . . asidlali isonto. Futhi izikhathi eziningi . . . Bangaki abaziyo lezi zisuka kwenye ziye kwenye na? Ukubonile kwenzeka, yebo mnumzane, izikhathi eziningi. Abantu bavele bazihlalele nje ezihlalweni zabo futhi bashwabene, bekhubazekile; ngibabonile baqathaka befa khona ngqo phakathi e . . . khona ngqo e . . . khona ngqo emsamo. Kunjalo. Asidlali isonto, ufanele uhloniphe. Manje, lokhu kungcwele.

195 Manje, iBhayibheli lasho ukuthi "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade," futhi Lisho ukuthi "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu," wonke umuntu uyafakaza ukuthi lelo yiqiniso. Manje, ubungazi kanjani ukuthi uMthintile na? Wena . . . Ubeyokwenza ngendlela efanayo Ayenza ngenkathi Elapha. Awu, Waziphatha kanjani na? Ake ngininike isibonelo, ngoba ngiyanenza . . . ngizama ukunenza nikholwe ukuthi Usenguye. Akakaguquki. IBhayibheli, umBhalo wami, ukuthi Usenguye.

196 Manje, lapho lokho . . . e . . . kwakukhona owesifazane, uthi wayengenalo ikhadi lomkhuleko, kodwa wayefuna ukungena e . . . wayekholwa ukuthi WayeyiNdoda engcwele, uMprofethi, futhi wathi, "Uma kuphela ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngizosinda." Niyayazi indaba? Futhi waputsha esixukwini waze waMthinta. Manje, akane- . . . Akazange akuzwe ngokwenyama, niyazi, ngoba ingubo yasePalestine iyahhubhazela, inengubo yangaphansi futhi. Kodwa akazange akuzwe ngokwenyama, ngokuba uPetru wamkhuza, ngenkathi Ethi, "Ubani oNgithintile?"

Futhi uPetru wathi, "Nkosi, ngani," wamkhuza, wathi, "isixuku sonke siyaKuthinta."

197 Wathi, "Kepha ngiyabona ukuthi Ngibe buthaka, amandla aphumile kiMi," wayeseqalaza nxazonke. Niyabo, Wayekade ethintwe ngohlobo oluhlukile lokuthinta. Futhi Waphenduka wayesebuka phezu kwezethameli, Waze Wathola owesifazane omncane oMthintile, futhi Wamtshela ngomopho wakhe, wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Ngabe bekunguJesu izolo lowo na?

198 Awu, uma Esenguye namuhla, "umPristi oMkhulu ongathintwa ngobuthakathaka bethu," angeke Akwazi ukukuthinta uma uzoMthinta na? Angeke Akwazi ukwenza umsebenzi ofanayo na?

199 Manje, i . . . Manje khumbulani, Angahle asebenzise iphimbo lami, uma kunjalo, ngifana nalombhobho, iyisimungulu ngaphandle kokuthile okukhulumayo kuwo. Kunjalo. Angikwazi, kodwa Yena uyakwazi. Ngakho-ke ungahle ungithinte, ngeke kusize nakancane, uthinta abelusi, ngeke kusize nakancane, bangamadoda njengoba nginjalo nje, kodwa Mthinte kanye, qaphela ukuthi kwenzekani. Manje, awudingi ukuba *lapha*, awudingi ukuba semsamo, nje, kholwa nje.

200 Manje, lesi yisithombe salapho ebengikhuluma khona kulobubusuku, kuJohane oNgcwele isahluko se 4, uma ufuna ukuyifunda lapho ufika ekhaya. Nangu owesilisa nowesifazane, angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami, uyisihambi ngokuphelele kimi. Esikhathini esedlule bakhiphe amakhadi omkhuleko, futhi wahap- . . . wabamba elilodwa.

201 Umfana ukhuphukela lapha phambi kwenu nonke, axube lawomakhadi omkhuleko ukuze angazi ukuthi yiliphi alinikeza ubani, ngakho uvele aninikeze wona, noma yini oyifunayo. Futhi kwenzeka . . . Futhi ngibabiza noma yikuphi, mhlawumbe kusasa ebusuku, ngingahle ngiqale kwelamashumi ayisithupha nanhlanu, noma amashumi amane nanhlanu, noma amashumi amabili nanhlanu, noma—noma amashumi ayisishiyagalolunye bese ngibuya ngihlehle. Niyakwazi lokho, kade nisemihlanganweni.

202 Ngakho-ke kwenzekile nje ukuthi kube kulobubusuku. Futhi ngibona lelowashi lasodongeni lizungeza lapho, futhi angifuni ukunibamba. Kodwa lo wesifazane kwenzekile afike lapho ngiqale khona, inombolo yokuqala. Ngicabanga ukuthi ungowesifazane, unguye na? Wena ungu—wena ungumuntu na? Kulungile. Siyizihambi komunye nomunye, asazani. Yisikhathi sethu sokuqala ngqa ukuhlangana. Nansi indawo evulekile ebonakala yonke encane: Nansi indoda nowesifazane, behlangana okokuqala ngqa, njengoJesu nalowo wesifazane emthonjeni, abantu ababili, abangakaze bahlangane ngaphambilini, futhi simi lapha.

203 Manje, uma ngithe kowesifazane, "INkosi ingithumile ukuba ngikhulekele abagulayo, ngizobeka izandla zami phezu kwakho." Kungahle kungabi ukugula akuzele lapha, mhlawumbe yinkathazo yasekhaya, mhlawumbe inkathazo yezezimali, mhlawumbe enye into. Mhlawumbe akayena ngisho umKristu, angazi. Kodwa uma Engamtshela lokho obekukhona, bese emtshela okuyoba khona, impela ubengakholwa okuzoba yikho, uma Engasho obekuyikho. Ngabe kunjalo na? Bangaki abakukholwayo lokho manje na? Kulungile.

204 Manje, uma noma ubani ecabanga ukuthi kukhona okungalungile ngakho, ukuthi unohlelo olungcono, umbono ongcono, wamukelekile ukuza lapha futhi uthathe indawo yami. Uma ungakwenzi, khona-ke hlala unganyakazi ngakho. Niyabo?

205 Manje qaphelani, manje, nakhu, ngisanda kushumayela iZwi ukuthi uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi wafakazelwa ngomBhalo ukuthi Uphila namuhla eBandleni laKhe, futhi Uyeza, nesibonakaliso sokugcina Asinikeza amaJuda, amaSamariya, futhi manje koweZizwe.

206 Sibe ne . . . AmaJuda aba neminyaka eyizinkulungwane ezine ukukholwa ukuthi umProfethi uyangena, esimweni saLo esikhulu, njengoba ibandla laliqhubeka; abeZizwe sebebe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili *yobubandla*, futhi manje e . . . uqhubeka wehlela ekukhulumeni ngezilimi, nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi manje, kuye ngqo ekupheleni kwesikhathi, lapho uMesiya omkhulu ekugcwaleni koMoya waKhe, ehamba, hhayi nje kumuntu oyedwa, eBandleni lonke, egeleza.

207 Manje, akunandaba ukuthi ngingakholwa kangakanani, lona wesifazane ufanele akholwe futhi.

208 Futhi manje wena phandle lapho, angeke ube semgqeni womkhuleko, bheka kuNkulunkulu bese uthi, "Nkulunkulu, lowomfo omncane omi lapho akangazi, akazi lutho ngami, kodwa ngise—ngisesimweni esibucayi, ake ngithinte ingubo yaKho, futhi Uphendule ngaye futhi ungitshele okuthize." Kuzame. Ubone ukuthi Usenguye yini izolo, namuhla, naphakade. Ungakuzami, kukholwe. Noma ubani angakuzama.

Asimzami uKristu, sivele siMthathe futhi siMkholwe; Akafiki ngokuvivinya.

Manje, uma uMoya oNgcwele uzokwembula. . . Ngifanele ngikhulume naye umzuzu.

209 Manje, bheka lapha, ngise-Spokane. Kungani ngize eSpokane na? Size saba nenkinga yokufika lapha, kwadingeka sishintshanise imihlangano nelinye izwe. Bekufanele ngibe lapha kamuva kunalokhu, kodwa kwadingeka ngiyishintshanise. Kodwa noma kunjalo, nathi. . . Ngicabanga ukuthi abakwazanga ukuthola isakhiwo, kudingeke bafike bathathe ibandla lomfowethu, nalaba abanye abafowethu, abamangalisayo, bayangena, bebambisana nomfowethu lapha. Lokho kumnandi, kuyathandeka; yileyo—yileyondlela engifuna ukubona iBandla liyithola.

210 Nakhu la sikhona, simi lapha kanje. Futhi ngilapha. Kungani na? UNkulunkulu ungithume lapha, ngizizwele ukuza lapha. Angikhathali ukuthi ingakanani impi okufanele ngibe nayo, Uthe woza lapha, futhi Ngilapha. Hhayi ngoba bengingenayo enye indawo engingaya kuyo, buza umphathi, sinencwadi yezimemo, emhlabeni jikelele, amakhulu azo, kodwa ngizizwele nje ukuza lapha. Kungani na? Angazi. Mhlawumbe Uzoqala imvuselelo, mhlawumbe wemukela uMlayezo wakho wokugcina. Angazi, angikwazi ukukutshela. Kodwa Ungithumele lapha, angazi ukuthi kungani. Ngilapha.

211 UJesu wenyukela eSamariya. Kungani na? Wayengazi. Kwaphuma owesifazane, Wavele waqala ukukhuluma naye, khona-ke Wathola inkathazo yakhe. Futhi wagijima watshela wonke umuntu, "Lowo nguMesiya."

212 Manje, Nenekazi, uma uMoya oNgcwele uzongembulela okuthile okuzele lapha, noma okuthize okwenzile, noma—noma ngabe kuyini, uyazi ukuthi angikwazi, futhi—futhi uma Eyokwembula, ubuyokwazi ukuthi bekuzofanele kuvele emandleni athile omoya. Bekuzofanele kufike. . . Niyakwazi lokho, anikwazi yini, bazalwane na? Bekuzofanele kuze kudade, nje, kuzofanele kuze ngamandla kamoya. Uyakukholwa lokho, phandle lapho na?

213 Khona-ke kuya ngokuthi ucabanga ukuthi Kuyini. AbaFarisi bathi, "UnguBelzebule." Kodwa amakholwa athi, "NguMesiya." Kwakungabantu abangokomBhalo abakholelwa umBhalo.

Manje, ngizokhuluma nje nowesifazane. Futhi ngicela yibani nilokhu nihleli. Manje, ninganyakazi ngoba . . .

214 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ubambezela okuthize." Impela. Ngabe bebenaso isithombe saleyoNgelosi phezulu lapha na? Nakho eWashington DC, kanjalonjalo, isiDalwa esingaphezu kwemvelo kuphela esake safakazelwa ngokwesayense. INsika

yoMlilo efanayo enganitshela yona yayino-Israyeli. Ngenkathi Yenziwa inyama, siyabona ukuthi Yenzani enyameni.

215 Manje, uma leyo kuyiNsika yoMlilo efanayo, IzoZibonakalisa ngendlela efanayo, IngukuPhila okufanayo. Ufaka ukuphila kwegilebhisi emvinini wethanga, liyothela amagilebhisi. Impela liyokwenza. Ukuphila okukuwo okuthela izithelo. UKristu wathi, "Mina ngingumvini, nina ningamagatsha." Wenyukela phezulu futhi wabuyisela ukuPhila kwaKhe, ukuPhila kwaKhe kuyafakaza.

216 Manje, uma lokho kuba . . . Ngilindele lologcobo, futhi uma lungafiki, ngizovele ngibeke izandla kowesifazane, ngimkhulekele, futhi ngiqhubeke. Angazi, angikwazi ukusho. Kuyabambezela, noma, ngiyabambezela, ngiKulindile. Kunjalo impela.

217 Yini inkinga ngawo wonke umuntu na? Yini indaba na? Ungekholwe na? Yiba nokukholwa, mngane. UmBhalo ulele lapha phambi kwakho, nomuntu wenyukela lapha, futhi alokothe phambi kwezethameli zabantu ukuba athathe iZwi likaNkulunkulu, futhi aphonsele inselelo umhlaba wonke ngakho na? Kholwa, yiba nokukholwa. Amen.

218 Manje, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kukaMoya oNgcwele, ongigcobile. Manje, yibani nokukholwa. Buka lapha umzuzwana nje, njengoba uPetru noJohane basho, "Sibheke." ngithembele wena. Angazi. Umi lapha nje, owesifazane. Kodwa uma uMoya oNgcwele uzongembulela okuthize okusempilweni yakho, uzokwazi noma ngabe kuyiqiniso noma qha.

219 Ngikhuluma nani ngabanye, yingakho nginothile phezulu lapha, ukuze nje ngithole engithintana naye. UMoya uyangigcoba, futhi khona-ke ngi—ngingaqala ezethamelini, noma ngabe kukuphi, niyabo, nomaphi lapho Eyongiholela khona-ke.

220 Manje, ngikhuluma nani nje ukuthola, ukubona nje ukuthi Uyongitshelani. Angazi, lokho kuyoba kuYe ukusho, kodwa ngineqiniso lokuthi Uzokwenza. Yebo, mnumzane. Inenekazi lisuka kimi, liqhela. Lingafakaza, khona manje, kunomuzwa olizungezile ofana nomnandi ngempela, umuzwa othobekile, ngoba ukuKhanya kuhlala phezu kowesifazane ngqo. Nowesifazane uhlushwa yinkathazo yomphimbo. Kunjalo. Kunjalo, Nenekazi. Uyakholwa na?

221 Kungani njalo, ngaso sonke isikhathi, othile uzocabanga "Ukuqagelile lokho"? Nginomcabango omuhle wokuthi ngibize okwenzile. Ungakwenzi. Kholwa. Angikaze ngikuqagele lokho kulowo wesifazane, uyazi ukuthi bengingeke ngikwenze lokho. Kungaba kanjani okuphelele, futhi kube . . .?

222 Lapha nje, ubonakala engumuntu othandekayo, ake ngikhulume naye umzuzwana nje. Manje, noma yini Anitshele yona, bengingeke ngikwazi. Kuseteyipini, niyabo. Ngikwenye indawo, kufana nelinye izinga, umbono. Aniboni na? Yebo. Yi . . . umphimbo. Unenkathazo yomphimbo, futhi ukhathazwa wukwethuka, ubonakala unokwethuka ngokwedlulele. Awu, unokwelakanyana nje, izinto eziningi ezikukhathazayo, ukhandleka ngempela, sekuhlwile impela, ukhathele, ukhandlekile, umsebenzi wakho usuphelile. Kunjalo.

223 Enye into, kunomunye umuntu omkhathaleleyo, omkhulekelayo. Ngibona kuqhamuka indoda. Ku—kufanele . . . kufanele kube ngumyeni wakho. Kusendaweni efanayo. Indoda ilapha manje. Uyakholwa ukuthi ngingakutshela ukuthi yini, inkathazo ngomyeni wakho na? Ungangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Umyeni wakho uhlushwa yinhliziyo, naye unokwethuka. Futhi—futhi ulethe othile ovela e . . . ngudadewenu, umlethe evele e—ekhaya labanakelelwayo. Uhlezi khona lapha, kunjalo, ekhubazekile.

224 Uyakholwa na? Manje, ingabe Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Khona-ke lokho kulethani na? UKristu lapha nathi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke hamba wamukele lokho okucelile. Ungangabazi. Ungaba nakho lokho okucelile, uNkulunkulu uzoba nawe.

225 Manje, unganyakazi. Hlala uthule ngempela, hlala uthule, hlala uthule; ngenhlonipho yokuzithoba. Niyabo, ngamunye wenu ungumoya, futhi lapho unyakaza ngingavele nje . . . ungakusho nje, kuyanyakaza, kukhona okungalungile. Niyabo? Nje hloniphani ngempela manje, thulani.

Ileli inenekazi.

I—iNgelosi ye . . . UkuKhanya engikubukayo, Kuvele ngaphakathi *lapha* ndawondawo, khona phakathi *lapha*. Hlonipha ngempela. Manje, qhubeka ukhuleka.

226 Manje, uma ngibheka phansi, ngithi, "Awu, *lowo* muntu, ulele ohlakeni, ukhubazekile, noma unesifo samathambo, uzo . . ." Ubungathi, "Impela, kubheke, impela kunjalo, ungakubona lokho." Kodwa lapha lo muntu ubukeka ejwayeleke ngokuphelele. Yini engalungile ngaye na? Nansi into. Manje, bheka ngapha umzuzwana nje, Nenekazi. Siyizihambi komunye nomunye, isikhathi sethu sokuqala ngqa sihlangana. UMoya oNgcwele omkhulu ulapha. Uyakukholwa lokho na? UyaWuzwa. Akuwona yini uMuzwa omnandi lowo na? Niyabo, Kuzwakala nje . . . Ukwazi ukuthi ungumKristu, ukubona ukwamukelwa kulowoMoya, kubukeke njengaWo nje—nje . . . lokho ku—lokho ku, nguMuzwa omnandi ngempela, othubekile. Kuyinto enhle kakhulu ukuba ngumKristu.

227 Manje, uma iNkosi uJesu izovele ingitshele okuthize ngawe, noma ukuthi umeleni lapha, okufunayo kuYe, ubuyokukholwa uma Ebengakutshela ukuthi bekumayelana nani—nani.

228 Manje, ukuba bengingakuphilisa, bengingakwenza, kodwa angeke, niyabo. Ukuba Wayemi lapha, nalesudu Anginike yona, Ubengekuphulukise, ngoba ukuphulukiswa kwakho sekuthengiwe kakade, Ubeyokwenza wazi ukuthi BekunguYe, nokuthi Ubezokwenza kanjani, ngami ezifakazela Yena uqobo izolo, namuhla, naphakade; lokho nje engishumayele ngakho. Izethameli, ngikholwa ukuthi sonke siyakukholwa lokho. Yebo.

229 Manje, kholwa nje. Uhlushwa yisibhono. Kunjalo, kuyiqiniso. Khona-ke unokuthile okungalungile ngakwesokudla sakho. Unezinhlungu ezihlabayo futhi zehle njalo ngasohlangothini lwakho lwesokudla, kuthi ngqu ezinyaweni zakho. Kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa ukuthi lowo nguKristu ogcotshwe ngaye manje na? Mamukele njengoMphulukisi wakho, umsebenzi osuqediwe. Konke kuzokushiya, futhi angeke usaba nakho uma uzokukholwa. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

230 Angiphulukisi. Ngi . . . Ukuba Ubemi lapha, Ubengephulukise. Bangaki abakwazi lokho na? Usekwenzile kakade. Niyabo, Uyanazisa nje ukuthi Ulapha, Uvukile kwabafileyo. Yileyonto kuphela Abengayenza, Azazise ukuthi UsenguMesiya.

231 Sawubona? Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Angikaze ngikubone empilweni yami, futhi simi lapha nje okokuqala ngqa, owesilisa nowesifazane behlangana.

232 Kukhona indoda elokhu iza phambi kwami, niyabo, ngumuntu okhulekayo. Qhubeka nje ukhuleka, lokho kulungile. Lokho kulungile. Mthinte nje. Ngiyakucela nje, eGameni leNkosi uJesu, ukukholwa engikukhulumile ukuthi kuyiqiniso, ngokuba ngikhulume iqiniso, futhi uyazi ukuthi lokho kunjalo, kuphuma eZwini. Futhi uma ngikhulume iqiniso, uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe uQobo. Niyabo? Akabophezelekile kimi, Ubophezelekile eZwini laKhe. Niyabo? Ngikhuluma nje iZwi laKhe.

233 Manje, nginganazi, kodwa uma iNkosi uJesu ibingangitshela okuthile ngawe, noma into ethile oyenzile, noma into ethile obungamele uyenze, noma okunye wena . . . inkinga onayo, futhi mhlawumbe eyezimali, yasekhaya, angazi. Kodwa uma Ezovele akuchaze, niyokwazi ukuthi kufanele kube khona uhlobo oluthile lwamandla. Kuzofanele kube yiZwi likaNkulunkulu, ngoba "LinguMahluleli wemicabango yenhliziyo." Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uthumele lokhu, ngezinsuku zokugcina, futhi nguKristu efakaza ngokuza kwaKhe maduzane na? Uma ukukholwa lokho, khona-ke uNkulunkulu ngempela ukuphi isicelo sakho.

234 Uneqhubu, amabili awo. Kunjalo. Unokuthile okunye okungalungile, okuyinkathazo yesinye. Kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa ukuthi Uyazi ukuthi wena ungubani na? Nkk. Peterson. Uyilowo. Manje, hamba ukholwa futhi, ngeke kusakukhathaza. Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Uyakholwa na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. Ungangabazi.

235 Singabafokazi komunye nomunye, kodwa iNkosi uJesu iyasazi sobabili. Futhi ucabanga ukuthi Angenza okuthize, noma angitshele okuthize ngawe okungakusiza na? Ubungakukholwa na?

Manje, uyasibona isimo okungifake kuso khona manje, ngiqhaqhazela nje yonke indawo. Wena uthi, "Ngani, Mfowethu Branham na? Kungani ungenza lokho na?"

236 Awu, uma owesifazane oyedwa, ethinta umphetho wengubo kaJesu, wenza iNdodana kaNkulunkulu yaba buthakathaka, ucabanga ukuthi bekungangenzani mina, isoni, esisindiswe ngokukholwa na? Nansi indlela kuphela engingenza ngayo ngisho eyodwa yingoba Wathi, "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza; omningi kunalo niyakuyenza."

237 IKing James ithi "omkhulu," kodwa akuhunyushwanga kahle, ukuhumusha okuyikho kungukuthi "eminingi." Ubani owayengenza nomayikuphi okukhulu na? Waphulukisa abagulayo, Wavusa abafileyo, Wamisa imvelo, Wenze konke okwakumele kwenziwe. Niyabo? Wenza nje okuningi kwakho, ngoba Uyohlukaniswa phakathi kweBandla laKhe, "eminingi kunale."

238 Manje, nali inenekazi elincane kakhulu kunami. Angilazi, angikaze ngihlangane nalo. Siyizihambi komunye nomunye, kodwa uMoya oNgcwele uyasazi sobabili. Futhi uma uMoya oNgcwele uzongembulela into ethize efana naleyo, ingabe kuzokwenza izethameli zonke zikholwe na? Wonke umuntu na?

239 *Nasi* isandla sami, *nanti* iBhayibheli, angimazi owesifazane. Niyabo? Futhi nango emile. Angahle abe semhlanganweni ndawana thize. Wake waba kweminye yemihlangano yami ngaphambilini na? Akaze abe semhlanganweni, ngisho, ngaphambilini. Umile nje lapha. Asazani ngokuphelele omunye nomunye.

240 Kulungile. Kwangathi uMoya oNgcwele angakupha isicelo sakho, Dadewethu. Yebo. Inenekazi linenkathazo yenanzi. Linesifo sethumbu elikhulu, okubangele lokhu.Ube nenkathazo eningi empilweni yakho, awukaze na? Ngiyakubona ungena esibhedlela, cha, esisodwa, ezimbili, ezintathu, ezine, ezinhlanu, izikhathi eziyisithupha, ukuhlinzwa. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi konke sekuphelile.

Uyakukholwa na?

241 Woza ngapha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphulukisa inkathazo yenhliziyo na? Kulungile. Qhubeka, usuke emsamo.

242 Uyakholwa na? *Lapha*, uphakamisa isandla sakho, uyakholwa ukuthi Uphulukisa leyonkathazo yokugogeka onayo, uyakusindisa na? Kulungile, uma ukukholwa, ungaba nakho futhi, yiba nokukholwa nje.

243 Sawubona, Nenekazi? Uyakholwa ukuthi Uphulukisa isifo samathambo na? Awu, qhubeka nje uhamba khona-ke, futhi Uzokusindisa, nje, Uzokusindisa, uma uzokukholwa.

244 Kuthiwani ngawe, Nenekazi na? Ungathanda ukwedlula leyonkathazo yesisu futhi uphile na? Qhubeka nje uhamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi. Ngi—ngiyakwemukela."

Uma ungakholwa! Yini i...? "Konke kuyenzeka kwabakholwayo."

245 Uyakholwa na? Kuthiwani uma ngingashongo lutho kuwe, ngivele ngibeke izandla phezu kwakho na? Ubungakukholwa na? Uyakholwa ukuthi uzophila na? Woza lapha. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa.

Yilowo owayengafuni ukubona lutho. Niyabo? Wakholwa nje ukuthi noma ngabe kwakuyini, kwakulungile.

246 Woza, Nenekazi. Kuthiwani uma ngingashongo lutho kuwe na? Ubungakholwa into efanayo na? Awu, uma wenza, inkathazo yowesifazane...Sengikutshelile, ngakho qhubeka. Leyo nkathazo yenenekazi...?...izohamba futhi ikushiye, futhi uzoba kahle, uma nje uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Kholwa.

247 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Hamba udle isidlo sakho sakusihlwa bese uthi, "Ngibonga iNkosi ngokungiphulukisa." Amen. UNkulunkulu akubusise. Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Kholwa nje ngenhliziyo yakho yonke.

248 Woza, Nenekazi. Ube nesisu esethukayo isikhathi eside. Ube nenkathazo enkulu ngaso. Konke sekuphelile manje. Uyakukholwa na? Kulungile, hamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

Bangaki okholwayo phandle lapho, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu na? Onguye izolo, namuhla, naphakade na?

Uyakukholwa na? Qala ukuhamba usuka emsamo khona-ke, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

Kukhona Okuthize okungigcobile, aKunjalo na? Ngibeka izandla phezu kwakho, ngithi, "Mayibongwe iNkosi." Ukugcoba okuthile.

Woza. Uyakholwa na? Yiba nokukholwa. EGameni leNkosi uJesu, hamba usindiswe, kholwa.

249 Woza. Uma ngingasho lutho kuwe, kholwa noma kanjani? Awu, uthukile. Awu, wena u. . .ube nokwethuka isikhathi eside. Ngempela, into eyodwa ingukuthi ushintsho, lokho kuya esikhathini okukuphathe kabi kakhulu. Uthola iziphonso zangempela ezimnyama, nawe. . .wonke umuntu uthi, "Swanguluka," kodwa awukwazi, kukhona okukuthusayo. Kodwa sekuhambile manje, kuzohlala kungasekho. Niyabo? Kukholwe nje ngayo yonke inhliziyo yakho. Hamba ukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

250 Uyakholwa na? Othile laphaya ezethamelini uyakholwa. O! Uyakholwa na? "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu." Uyazi ngeke kube yimina. Awu, ucabanga ukuthi KunguBani na?

251 Kuthiwani ngalowesifazane omncane waseMexico, ohlezi lapha na? Ehlushwa amalumbo esiyezi. Kunjalo. Uyakholwa na? Uthinte bani na? Uthinte umPristi oMkhulu. Awukaze ungithinte, ukude kakhulu nami. Kulungile, amalumbo esiyezi akho asekushiyile. Amen. Amen.

Mbuzeni uma lokho kunjalo. Mm. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu nje, kholwa uNkulunkulu.

252 Kuthiwani ngawe, ulele lapho ohlakeni na? Yebo wena. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ukhombe umunwe wakho. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe na? Ngizosho kanjalo, lokho kuyabakhubekisa abantu. Uyakukholwa na? Uma. . . Angikwazi ukukuphulukisa, Mnumzane. Kodwa uNkulunkulu angakwazi. Uma ulele lapho, uzofa. Odokotela abakwazi ukukusiza ngalutho. Into eyodwa, unenkathazo yesisu, unesifo samathambo emhlane wakho, kodwa akekho ongakuphulukisa lokho ngaphandle kukaNkulunkulu. Kodwa uma uzokholwa uNkulunkulu, futhi wenze ngokweZwi, ungasukuma, uthathe umbhede wakho, futhi uye ekhaya.

Kuthiwani ngawe ohlakeni olulandelayo, laphaya? Uyakholwa na?

253 Nango ehamba. Makabongwe uNkulunkulu. Uyambona eqondile na? Nango ehamba. Masidumise uNkulunkulu. Amen. UyaMkholwa na? Amen. Akayena osenguye izolo, namuhla, naphakade na? Angikwazi ukuphulukisa, angikwazi ukuphilisa, uKristu angakwazi.

254 Wesabani na? Ngenkathi ngisho, emizuzwini embalwa edlule, mayelana nalowo wesifazane enokwethuka, ungiphendule ngathi ngqu. Uyesaba. Akukho okuzokwenzeka kuwe, uzoba kahle. Uyakukholwa lokho na? Ungakudonsa kanjani ukukholwa kukaNkulunkulu na? Uthinte bani okwazisa ukuthi bekungukwethuka obekukuhlupha na? Uyamkholwa

uNkulunkulu na? UyaMkholwa, Mthathe eZwini laKhe na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Khona-ke eGameni likaJesu Kristu, sukuma uphume kulolohlaka, futhi uye ekhaya, futhi ukhohlwe yikho. Uyakukholwa na? Phuma. Sukuma. Thatha lokho onakho, uye ekhaya, uphile.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Uyakholwa na?

255 Ukube ubengakholwa kuphela! Ubukhuleka. Kukhona ukuKhanya phezu kwakho. Uma ukholwa, uzodlula kulolo vendle futhi uphile, ubuyele ezinkundleni zobuthunywa benkolo. Ungakungabazi.

256 UyaMkholwa na? Kuthiwani ngawe *laphaya* na? Inkathazo yeqolo, inkathazo yesinye, ukwelakanyana, konke akukwazi ukukuthola. . . Akukho okungakusiza. UKristu, Yena yedwa ongakuphulukisa. Ngabe kunjalo na? Kungani ungaMkholwa na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Ungathatha izwi lami njengelaKhe, ukukutshela ukuthi Unguye izolo naphakade na? Angama kanjani lapha futhi akutshele konke ngawe, ngaphandle kokuthi ube nokuxhumana okuthile naYe na? Kungani ungaMkholwa, sukuma, thatha umbhede wakho, futhi uye ekhaya, usinde! Uzokwamukela, futhi uphume ohlakeni.

Kholwa yiNkosi uJesu Kristu. Unokukholwa, kholwa.

257 Lelinenekazi elincane elihlezi *lapha* ku*lesi* sihlalo esinamasondo, angikwazi ukukuphulukisa, kodwa uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, lesosifo sikashukela sizokushiya, futhi uzogoduka, uphile. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, kukholwe, phuma, uye ekhaya, uphiliswe.

258 Kuthiwani ngawe olele *lapho*, uhlushwa ukopha emphinjeni, yonke into na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke! Konke akulungile ngawe, kodwa kungani ungaphakami, futhi uphume kulowo mbhede, uphume kulolo hlaka! EGameni likaJesu Kristu, sukuma! Amen.

259 Nakho la bekhona! Wonke okholwayo, niyakukholwa na? “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Uyakukholwa na? Beka izandla zakho phezu komunye nomunye-ke, masinya impela, beka izandla zakho phezu komunye nomunye, lonke ikholwa. Nazi, kunezihlalo ezinamasondo ezingenalutho, izinhlaka. Bekani izandla zenu komunye nomunye futhi nikhuleke.

260 Baba oseZulwini, eGameni leNkosi uJesu Kristu, sengathi uSathane angalahlekelwa amandla akhe phakathi kwalababantu lapho esebona izishosha, isifo samathambo, osontekile angeza ngaphambili aphiliswe. Siphe, Nkosi, ukuthi bazokukholwa. EGameni likaJesu sengathi uSathane angabashiya. Amen.

261 Wonke umuntu okholwa kuYe, Memukela manje njengoMphulukisi wakho, yima ngezinyawo zakho, eGameni likaJesu Kristu futhi uphiliswe. Amen. Nakho la ukhona: Bonke baphakamile.

262 Masicule izindumiso kuYe. Phakamisani izandla zenu niMnike udumo. “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Unguye izolo, namuhla, naphakade. Akasoze ehluleka, UyiNdodana kaNkulunkulu, Phakade, futhi Akasoze ehluleka. Kholwa kuYe ngenhliziyo yakho yonke, uphiliswe. Sukuma ugoduke.

*Sithanda Ukubona UJesu* ZUL62-0712
(We Would See Jesus)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine kusihlwa, ngoJulayi 12, 1962, e-Open Bible Standard Church eSpokane, eWashington, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

